

SIKHOMBISE

UYIHLO KUSANELISE



...?...Asibe silokhu simile umzuzwana nje ngomkhuleko, sisakhothamisa amakhanda ethu.

² Baba onoMusa noNgcwele kakhulu, njengoba sisondele esihlalweni saKho sobuNkulunkulu somusa, simi emathunzini obulungiswa baKho. Besingacela, Nkosi, ukuthi ngomusa waKho ukuthi Uyosithethelela izono zethu neziphambeko. Sifisa umusa, ungasahluleli ngokwezimpilo zethu nemisebenzi yethu, ungasiniki ubulungiswa, kodwa sinike umusa.

³ Baba, sikhulekela ukuthi Uzokwenza lokhu kube yi—intambama ezokhunjulwa isikhathi eside ngenxa yoBukhona baKho. SiKubonga ngalokho Okwenzile kulokhu ukusa ukuzungeza idolobha lonke, nasesigodini sonke, nasemhlabeni wonke. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoqhubeka ube nathi, futhi usipha umusa waKho nesihawu kuze kufike uJesu. Busisa amaZwi azakufundwa nezi—ziphawulo eziyodluliselwa phezu kweZwi. UMoya waKho mawube kukho konke esikwenzayo noma esikushoyo. Phulukisa abagulayo nabahluphekile.

⁴ Futhi ngeke sakhohlwa, Nkosi, olulamayo, labo abangakwazi ukuza. Sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzoma ngasembhedeni wabo kulentambama, ngenkathi abaningi lapha esakhiweni bebathwalela imithwalo, kwangathi bangaphulukiswa.

⁵ Lapho ukuphila sekuphelile futhi sime eBukhloneni baKho siyokhothama, ngokuzithoba, ukuKubonga noKukunika lonke udumo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

⁶ Ningahlala phansi. Kuyinjabulo enkulu ukuza futhi ukhulume nezethameli eGameni leNkosi uJesu, sinalesisiqiniseko, ukuthi A—Akasoze asishiya noma asiyeke, Uyoba nathi kukho konke ukuvivinywa esinakho. Futhi nje ukukholwa okuthobekile ukuMkholwa, siMemukele njengoMsindisi wethu, futhi sikholelwe kuYe ngakho konke esikudingayo empilweni.

⁷ Ngiyazi ukuthi kushisa kabi kabi kulentambama, kodwa ubuyomangala ukuthi mkhulu kangakanani umehluko okuyiwo lapha kunoma kunjalo eBelgian of Congo, lapho ababeyofika khona, nasezansi eNingizimu Afrika, bayofika ekuseni, futhi bayolala emhlabathini usuku lonke gulukunqu kulelola elishisayo, elibashulayo, hhayi nje usuku, kodwa bengilinde lapho amaviki amabili noma amathathu ukuba ngifike esizweni.

⁸ Behla bedabula emenweni, bethwele abathandekayo babo ngamabhodi, nezinto, ibhubesi liyoza, futhi babebafuqela phezulu esihlahleni, futhi balinde mhlawumbe usuku, noma, lize lihambe ibhubesi, bese behla-ke. Mhlawumbe baqhubekele phambili kancane, bazame ukuphuza amanzi agelezayo, ingwenya yayithola omunye wabantwana, babelokhu beqhubeka. Niyabo? Bakhala izinyembezi amahora ambalwa, bayazi ukuthi sekuphelile, futhi baqhubeke. Yilabo abantu, abanandaba nokushisa, bazama ukuthola ukuphila, niyabo, bazama ukuthola *iNto ethize* enikeza ukuthula, futhi, edlula ukuqonda.

⁹ Futhi kulentambama, asigcine lokho, ukwethembeka okungako, engqondweni yethu njengoba sihlezi kulentambama. Ngiyazi ukuthi kuyashisa, kodwa asikwazi ukubusa isimo sezulu. Sifanele sibe nesimo sezulu esishisayo ukuthela isithelo, nokunye nokunye, uNkulunkulu uyazi ukuthi uqiniswa kanjani kanjani umhlaba waKhe uku—ukuletha inala ukuba siphile ngayo. Futhi uma besinayo yonke imvula, namathunzi, nokunye nokunye, besiyobulawa yindlala. Ngakho, sibonga kakhulu ukuba lapha. Futhi ngiyabona abantu unezishayisamoya esandleni sakho, manje, uma nje unogesi, ngani, kuzolunga khona-ke, kuyosiza ukuthi kuphole kancanyana.

¹⁰ Manje, asisondele eZwini ngoJohane oNgcwele, isahluko 14. Kusukela kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, ngifisa ukukhuluma uchungechunge lwezindaba ukwakha ukukholwa uma ngingakwazi. UNkulunkulu uzongisiza. Ngifuna ukuzama ukwakha ukukholwa kwezinkonzo ezizayo kuleliviki elizayo. Zama uku, uma ungakwazi, ngiyazi abaningi benu bayasebenza, futhi kul'khuni ukuphuma.

¹¹ Angi—angidingi uku...funa ukusho lokhu ukuba wena uze, nje, izikhathi eziningi lezozisho ziyenziwa, ngethemba ukuthi akunjalo, akukaze kube lapha, izikhathi eziningi abantu ufuna izixuku ezinkulu ziphumile ukuthola iminikelo ethile. Izikhathi eziningi bafuna izixuku ezinkulu ziphumile ngenxa yomphumela wesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo okunawo kubantu, ukuthi, abantu abaningi bathi, “Awu, angifuni ukushumayela, ngaphandle uma kukhona isixuku esikhulu.”

¹² Ngashumayela ezixukwini ezinkulu nezixuku ezincane, akwenzi mehluko ukuthi kuyini. Ngisanda kubamba imvuselelo ebandleni elalibambe amashumi amabili. Ngakho, kwakudabukisa, phansi esimweni sezulu esinguziro, futhi babemi ngaphandle. Kodwa angiyidingi imali, sifanele nje sikhokhe izindleko, yilokho kuphela ocelwa ukuba ukwenze. Ngi—ngifisa sengathi bengingabakhokhela mina uqobo, bengingekucele lokho.

¹³ Futhi a—angizange ngithathe umnikelo empilweni yami.

Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi, ukuthi ngangi, ngangena endaweni enzima. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kusho ukuthini na? Umkami uhlezi lapha kulentambama, ngokwejwayelekile uthi ukuba namahloni kancane, ungibukile ngenkathi ngisho lokhu, kodwa ngisanda kungena nje ngisuka, bengisebenza. . . Ngelusa itabernakele eJeffersonville iminyaka eyishumi nesikhombisa futhi angikaze ngibe nesenti elilodwa lomholo, ngaphandle kwalokho ngabeka leyo imali ebengingayibeka e—eminikelweni, futhi njalo ngikhokha izishumi zami, kanjalonjalo.

¹⁴ Kodwa ngiyangena, futhi sasingenayo nje imali eyenele ukwenza into ihambe, ngase ngithi kuye, ngathi, “Uyazi ukuthini, S’thandwa na? Ngizothatha umnikelo kulobubusuku.”

Wathi, “Ngifuna ukuqiniseka ukuya ngale futhi ngikubone wenza lokho.” Futhi ngakho, uhlezi emuva.

¹⁵ Manje, abantu babezonikela. Kwakuyisikhathi semp, kanjalonjalo, futhi, noma, ngaphambi nje kwempi. Futhi ngakho, wa—wayazi ukuthi babezonikela. Babeyo—babeyovumela abantwana babo etafuleni ukuba bangisize, kodwa ngi—ngi—ngikuqondile lokho, futhi angifuni neze ukusizakala nganoma yini enjengaleyo.

¹⁶ Ngakho, ngangisemncane, ngisebenza, ngangilapho engangingasebenza khona, futhi nganginomsebenzi wokugada, ngihamba amamayela angamashumi amathathu—*nokuthize* ngosuku ngidabula ehlane, kanjalonjalo, kanzima kakhulu, ngenza amasenti angamashumi amane-nanhlanu ngehora.

¹⁷ Kodwa khona-ke nga—ngaya ngale ukuyothatha umnikelo, futhi angisoze ngakukhohlwa, umngane wami omdala, ngathi, “Bangane, nginesidingo esincane kulobubusuku,” ngathi, “ngidinga cishe amadola amahlanu.” Ngathi, “Nginencwadi yesikweletu esizokweqiwa yisikhathi, angikwazi nje ukukwenza,” ngathi, “nginezinye izinto.” Ngathi, sasingenalo ipuleti lenkongozelo ebandleni, Ngathi, “Uma umuntu ezothatha isigqoko sami *lapho*, sizovele nje sithathe umnikelo, uzokuba, noma okuthize, ndawonye.” Kwakuyizethameli ngempela ezilingana nosayizi kulephansi, ibandla lami. Futhi ngathi. . .

¹⁸ UMnu. Wiseheart waya ngale ukuyolanda isigqoko sami, futhi ngabheka futhi omncane, owesifazane omdala, into encane enomoya omuhle kunabo bonke, endala, omunye womama abayifeshini endala owayevamise ukugqoka lamaphinifa amadadlana, anamabala, futhi laliphakethe ngaphakathi, niyazi, lephinifa. Senake nalibona elinye lalawo na?

¹⁹ Ugogo wami omdala, wayevame ukugqoka elinye lalawo, futhi wayebhema inqawe kamoba. Wayengafuni amadoda ambone ebhema, ngakho wayephatha ugwayi wakhe kulelophakethe, futhi wayebona amanye amadoda eza, wayevele

nje afake isandla sakhe ngaphansi kwalelophinifa, bese ebamba isithupha sakhe kulelopayipi, futhi akhulume nawo. Emva kokuba esehambile, uyofika enqamula kwiphansi, leyonqawe endala kamoba.

²⁰ Ngiyakhumbula, ngaphambi kokuba afe (Wayeneminyaka eyikhulu neshumi ubudala, wayekhumbula ukubulawa kuka-Abraham Lincoln, engakaze abone ngaphandle kwemoto eyodwa empilweni yakhe, ngehlisela leyo lapho, emuva le ezweni lezintaba, akakaze asibone isitimela kuyo yonke impilo yakhe.), kodwa ngambamba ngezingalo zami futhi ngamkhulekela. Cishe wayesinda amaphawondi angamashumi amahlanu, ome nkwe nje. Futhi ngakho, wayeyinto enomoya omuhle kunayo yonke, endala. Wayesindisiwe, futhi wagaxa izingalo zakhe entanyeni yami, futhi into yokugcina wathi, “UNKulunkulu abusise inhliziyo yakho encane manje naphakade.” Futhi wahamba ukuba abe neNkosi. Futhi, lowo kwakungumama kababa wami.

²¹ Futhi ngiyamkhumbula lona wesifazane omncane, wayegcina elakhe—elakhe elincane, wayenephinifa lakhe elincane, wayeligqoka ukuya esontweni, wayengaphili ngaphandle kwezindlela ezincane, futhi sonke sasimpofu. Futhi wafinyelela ngaphansi kwephakethe, leliphakethe elidadlana, futhi wakhupha elinye lalawo mabhukwana ahlala ephaketheni elincane aqhaswa phezulu, niyazi, efinyelela phansi lapho kulabo ozuka. O, he! Ngangiyobe ngithathe lokho, ngangiyozizwa njengoJuda owathatha leynomali, lezozinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu.

²² Futhi ngimbonile efinyelela, ngabuka lokho, esikhulukazi, isigaxa singena. Uyazi ukuthi kunjani lokho kuzwa emphinjeni wakho, njengesigaxa na? Ngathi, “O, benginincokolisa nje, bengingakuqondile lokho.” Ngathi, “Bengifuna nje ukubona ukuthi benizothini.”

Nangu umdikoni wayesebandleni, ephethe isigqoko esandleni sakhe, wangibuka, wayesethi, “Ngifanele ngenzenjani na?”

²³ Ngathi, “Vele uphanyeke isigqoko sami. Ngani, ngangiqhubeka nje.” Niyabo? Ngazi ukuthi uma wayefake lowozuka noma indibilishi phakathi lapho, ngangingeke ngiyisebenzise. Ngakho, angisoze ngakhohlwa. S’thandwa, yena uyazi ngakho. Ngathi . . .

²⁴ Ngaya ngale, futhi nganginebhayisikili elidala uMfowethu John Ryan, wayethi ngempela akafane neNdlu kaDavide, izinwele ezinde, futhi waligibela wehlela lapho, wase enginika lona. Lalinga—lalingahlubukile, laligugile nje, kwakuyilokho kuphela. Ngakho, ngaphuma ngaya esitolo sezinto zikasheleni ngase ngithola ikani likapende, ngalipenda, ngase ngilibeka ngaphambili, futhi ngalithengisa ngamadola amahlanu, angidingekanga ukuba ngithathe umnikelo. Ngakho, lokho

kwakusondele kakhulu engake ngafika kukho ngokuthatha umnikelo.

²⁵ Ngakho, asikho lapha ngaleyonhloso, silapha ukuzama ukunisiza, ukuzama ukwenza into ethize ukwenza—ukuyenza, omakhelwane lapha babelula kancane ukukwenza kahle, kal'khunyana ukwenza okungalungile, kwenze ukuphila kujabulise kancane kuwe, mhlawumbe, ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa ukugula kwakho futhi andise izinsuku zakho, asindise abalahlekile, asize amabandla. *Laba* ngabaxhasi bami, bangamadoda akholwa into efanayo engiyikholwayo, bebengeke babe ngabahlezi phezulu lapha uma bengakukholwa. Futhi ba, kimi, wukhilimu wesivuno. Manje, ngi—ngiqonde lokho, hhayi ukuba . . .

²⁶ Abanye babo lapho benezinwele ezimpunga, bebadala kunami, waye phandle lapha eshumayela ekhoneni ene—nesiginci nethamborini, ngenkathi ngisengumfana oyisoni nje. Ngakho ngizizwa ngimncane ukuma phambi kwalawa indoda, kulentambama, afanele abe lapha. Enza umgwaqo waba lula kimi ukuba ngihambe kuwo, beshumayela lezizinto ziyofika, futhi nazi ziyeza. Ngakho omunye uyatshala, omunye uyanisela, uNkulunkulu uthola ukwanda, yileyondelela okuyoba ngayo.

²⁷ Futhi ngalokho kusa okukhulu Laphaya, lapho itafula libekwe lanqamula imipheme yezibhakabhaka, lapho konke ukuphila sekuphelile, sihlala phansi kulesoSidlo sakusihlwa soMshado (ngifuna ukuba lapho kabi kabi, bazalwane. O, ngifuna ukuba lapho! Ngi—ngikholwa ukuthi ngizobakhona, ngiphila ngokufanele futhi ngizame kanzima, uNkulunkulu uzongivumela ngize lapho, hhayi ngalokho engikwenzayo, kodwa ngomusa waKhe.), ngiyofinyelela ngale kwetafula futhi ngixhawulane nabanye benu nonke, ngithi, “Ngiyakukhumbula, wawuseYakima,” niyabo, “emhlabeni.” Akungabazeki unyembezi oluncane luzokwehla ezihlathini zethu ngenxa yenjabulo.

²⁸ Khona-ke into enkulu: Ukubona iNkosi iphuma, bonke ubuhle baYo, yesula izinyembezi emehlweni ethu, ithi, “Ningakhali, bantwana, sekuphelile manje. Ngenani ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa izwe.”

²⁹ Yilokho engifuna ukukuzwa, khona-ke siyoguqulwa kulesisidalwa esiyiso, sibe ngongafi, enziwe afane nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo. Khona-ke imishikashika yezinsuku ezishisayo, nokuphephetha, kanjalonjalo, konke kuyobe sekuphelile ngaleyonkathi, siyongena ekuthuleni kweNkosi kuze kube phakade. Kuze kube yilesosikhathi, asisebenze kanzima, sisebenze, futhi sikhuleke, sibheke ukuFika kweNkosi.

30 UJohane oNgcwele, isahluko 14, futhi asiqale evesini 7, futhi sifunde ivesi 12 nalo. UJesu ekhuluma:

Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba: kusukela manje niyamazi, nimbonile.

UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.

UJesu wathi kuye, Sengibe isikhathi esingaka . . . nani, awukangazi, Filiphu na? ongibonile mina umbonile uBaba; futhi usho kanjani . . ., Sikhombise uYihlo na?

Awukholwa yini ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi na? amazwi engiwakhuluma kini angiwakhulumi ngokwami: kodwa uBaba ohlezi kimi, wenza imisebenzi.

Kholwani yimi ukuthi ngikuBaba, . . . uBaba ukimi: uma kungenjalo kholwani yimi ngenxa yemisebenzi.

Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngi—Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza; futhi uyakuyenza imisebenzi emikhulu kunale; ngokuba ngiya kuBaba wami.

31 Nendaba yami yantambama ithi: *Sikhombise UYihlo Kusanelise.* “Senelise” kusho ukwenelisa. “Uma Uzosikhombisa uYihlo, kuzosanelisa.”

32 Manje, ngizothatha kulokhu . . . Bekuyisifiso senhliziyo yomuntu selokhu kwaba khona umuntu, bafuna ukwazi, “Uphi uNkulunkulu na? Uma kuphela bengingabona uNkulunkulu!”

33 Futhi manje ngizokhuluma ngezindlela ezine ezehlukene zokubona uNkulunkulu. Futhi izolo ebusuku, ngithathe indaba yokuthi *Banumzane*, esahlukweni 12 sikaJohane oNgcwele, *Banumzane, Sithanda Ukubona UJesu.*

34 Futhi ngikholwa ukuthi wonke lowo obelapha izolo ebusuku engqondweni yabo ephilile, azi noma yini ngomBhalo, waMbona esebenza phakathi kwabantu. Uma ungakwenzanga, ngikholwa ukuthi usucishe wedlule amathemba, uyabo, uma u—uma ungakubonanga. Emva kokuba umBhalo ulele, ngokuqinile nje, kusukela le kuGenesisi kwehle njalo emBhalweni, khona impela Akwethembisa lapha ngezinsuku zokugcina, futhi lapha siMbonile engena esakhiweni izolo ebusuku, ngokuba umKristu ubuka okungabonwayo. Niyakwazi lokho na? Zonke izikhali zomKristu azibonwa: uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela; zonke izithelo zikaMoya azibonwa.

35 Abantu bathi, “Ngivela eMissouri, ukubona kungukukholwa.”

36 Khona-ke awusoze waba ngumKristu, ngoba ufanele wemukela uNkulunkulu ngokukholwa. Niyabo? Ufanele uMkholwe.

37 Futhi izolo kusihlwa, ngenkathi siMbona engena ngoMoya, aqhubeke futhi aqinise kubantu baKhe, amakholwa esakhiweni, ahamba, futhi aMbona enza khona impela Akwenza ngenkathi Elapha emhlabeni, eqinisa umBhalo, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza,” futhi sibona imiphumela efanayo ngezidalwa ezingabantu zizinkele kakhulu kuNkulunkulu, kuze kuthi uMoya oNgewele ukwazi ukusebenza ngalezozidalwa ezingabantu njengoba nje uMoya oNgewele wasebenza ngoJesu, Osanda kuvuma nje ukuthi, “Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi. Wenza imisebenzi. Akusiwo amaZwi aMi, amaZwi aKhe.” Niyabo? Wayezinkele kakhulu kuNkulunkulu, futhi Wafa futhi wangwelisa iBandla ukuze Aphile ukuze aqhube imisebenzi yaKhe kuze kube ngukufika kwesibili kokuza kwaKhe—kwaKhe, Ufika okwesibili.

38 Manje, sizobona ukuthi singambona yini uNkulunkulu. Bangaki abangathanda ukubona uNkulunkulu na? Ake sibone izandla zenu. Ngi—ngiyazi ukuthi kufana nentsha, kodwa sifanele ukuba ngabantwana. Lapho sesithola ukwazi yonke inqwaba, khona-ke asazi lutho ngesifanele sikwazi, iBhayibheli lasho. Njalo asifuni neze ukuthola umuzwa omkhulu wokuhlakanipha ukuthi singaphezu komuntu othize, noma wazi kakhulu kunomunye umuntu, nje yiba ngojwayelekile futhi ube lula.

39 Abantu bazama ukuchaza uNkulunkulu futhi bahambe bayothi ngqu phezu kwakho. Abantu bafuna uNkulunkulu le phandle *lapho*, lapho Emi khona *lapha*. Niyabo? Lokho ngukuthi, wena nje—wena . . . Ubulula bakho nje budida enkulu, enamandla, ingqondo ehlakaniphile ezama ukuMenza into ethize enkulu Angesiyo. Ulapha kanye nathi, UnguNkulunkulu. Nje, U—Uyingxenywe yakho, Ungumsipha wakho. Siyinyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe, siyingxenywe yaKhe, ngoba singabantwana baKhe, noNkulunkulu uhlala kithi, njengoba nje Enza eNdodaneni yaKhe, uKristu Jesu.

40 Manje, sizobuka uNkulunkulu ngezindlela ezine. Manje, okuthathu kuyisinqinisekiso, kodwa sizophosa okukodwa okwengeziwe kulentambama, ukukwenza kube ngokuyikho. Noma ubani uyazi ukuthi—ukuthi ababili ngufakazi, abathathu ngukuqinisa. Ngi . . .

41 AmaJuda athi kuJesu, “Siyazi ukuthi Uyidemoni, ngoba Ukhuluma ngaWe.”

42 Kuthatha ababili ukwenza ufakazi, uJesu wathi, “NgiNguye, noBaba ohlezi kiMi ungoMunye. Uma ningenakuNgikhholwa, kholwani yimisebenzi Ayenza kiMi,” niyabo. Ngakho lokho kwenza isiqinisekiso sabaBili. Kodwa manje, okuthathu . . .

43 Futhi manje, sizothatha izindlela ezine zokubona uNkulunkulu. Okokuqala, “UNkulunkulu Emhlabeni WaKhe

Nezulu,” “UNkulunkulu EZwini LaKhe,” “UNkulunkulu ENdodaneni YaKhe,” “UNkulunkulu EkuBantu BaKhe.”

⁴⁴ “UNkulunkulu Emhlabeni WaKhe Nezulu,” sizobona ukuthi singaMthola yini emhlabeni nezulu; “UNkulunkulu EZwini LaKhe,” sizobona uma singaMthola eZwini; “UNkulunkulu ENdodaneni YaKhe,” sizobona uma EseNdodaneni yaKhe; khona-ke, “UNkulunkulu EkuBantu BaKhe,” futhi sibone ukuthi Ukubantu baKhe yini. Lezo yizindlela ezine esingabona ngazo uNkulunkulu.

⁴⁵ Umphikinkolo wathi, “Ake ngiMbone.”

⁴⁶ Esikhathini esithile esedlule, ngangikhuluma ekhoneni, kwakukhona umphikinkolo owayekhuluma ekhoneni elilandelayo. Futhi waye, wayeneBhayibheli lilele lapho, wathi, “Lingcolile kunazo zonke, incwadi embi ukwedlula zonke eyake yalotshwa.”

⁴⁷ Futhi, o, wayeqhubeka nje. Waye, wayekade engumpristi, noma, wafundela ukuba ngumpristi esigodlweni sezindela, futhi kakhulu impela usiyazi wezenkolo, walazi iZwi. Futhi ngakho, wayempilomba ugwayi. Futhi yena, ngangimi ngasesitolo esincane segrosa, futhi ngenkathi engena ukuba athole igrosa, khona-ke nangu umshumayeli nomphikinkolo bahlangana ndawonye. Ngakho, wathi, “O, uyilowomshumayeli owenza lokho kumpompoloza phansi lapha.”

Wathi, “Yebo, mnumzane, nginguye.”

Futhi wathi, “Awuyikholwa leyonto oyishoyo.”

Ngathi, “Ngayo yonke inhliziyo yami, ngiyayikholwa.”

⁴⁸ Futhi ngazi ukuthi wayehlakaniphile ukuba sesigodlweni sezindela, niyabo. Ngakho, ngathi, “Yebo, mnumzane, ngi—ngiyayikholwa ngayo yonke inhliziyo yami.” Ngakho, ngazi ukuthi ukuhlakanipha kwakhe kwakukukhulu kakhulu kimi ukubhekana nakho, kodwa ngazi ukuthi nganginoNkulunkulu owayengabhekana nanoma yini udeveli ayengayiveza, ngakho ngabambelela nje, ngibone ukuthi uNkulunkulu uyothini.

Wathi, “Uma ngizofakazisa kuwe ukuthi akukho neyodwa into kulokho okhuluma ngakho, uzokwemukela na?”

Ngathi, “Awukholwa ukuthi ubungakwenza.”

Wathi, “Ayikho into okuthiwa nguNkulunkulu.”

Ngathi, “Lowo ngumbono wakho, umbono wami wehlukile.”

Futhi wathi, “Awu buka, mingaki imizwa umzimba womuntu onayo na?”

Ngase ngithi, “Awu, inemizwa.”

“Uhambe ibanga elingakanani esikoleni na?”

Ngathi, “Kude ngokwanele ukwazi ukuthi ukhona uNkulunkulu.”

Futhi—futhi wathi—wathi, “Awu, yisho imizwa yomuntu.”

Futhi ngathi, “Ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa.”

⁴⁹ Wathi, “Manje, uma EnguNkulunkulu ongumuntu, kumuntu, impela omunye waleyomizwa ubungaMmemezela.” Wathi, “Manje, sewake naMbona na? Sewake waMnambitha, waMhogela, waMthinta, noma waMuzwa na?”

Ngathi, “NgiMthintile; ngiyaMthinta manje.”

Wathi, “Ake ngiMthinte.” Lowomuzwa wokuthinta uhamba ngendlela efanayo, niyabo, neminwe yakho.

Futhi—futhi ngathi, “Awu, kungenzeka ukuthi bengingamthinta, futhi awukwazanga ukuMthinta.”

Wathi, “O, qhabo, qhabo, ungeke wadonsa isayense yakho ephathelene nokusebenza kwengqondo kimi.”

⁵⁰ Ngase ngithatha uphini ngase ngiwuhlaba kuye. Futhi wathi... Ngangicabanga ukuthi wayezongishaya ngempama kuqala, kodwa ngahlehla lapho afinyelela khona. Futhi ngathi, “Ngenze lokho ngenhloso, mnumzane, ngiyaxolisa, kodwa ngifuna nje ukwenza iphuzu.” Ngathi, “Ukuzwile lokho na?”

Wathi, “Ngempela ngikuzwile.”

Ngase ngithi, “Kodwa angikuzwanga.”

Wathi, “Ake ngikuhlabe.”

Ngase ngithi, “Ya, ukholwa into efanayo engiyikholwayo, futhi uzoba nemiphumela efanayo.” Kunjalo.

⁵¹ Kungenzeka ukuthi ubungaba nejaqamba esiswini sakho, futhi bengegeke ngazi lutho ngakho, kodwa kungokoqobo kuwe. Niyabo? Kodwa bekungeke kube njalo kimi, ngaphandle uma nginejaqamba elifanayo esiswini sami, noma ukuphathwa yikhanda, kumbe noma kungaba yini.

⁵² Ngakho manje-ke, ngathi, “Awu...” Futhi ngicabanga... Futhi waye, uyazi une... Umama wayevame ukuthi, “Uma unika inkomazi intambo eyenele, izozilengisa.” Ngakho-ke yileyo ndlela wena o... Nga—ngadlala ngaze ngafinyelela ngqo esayenseni yakhe ephathelene nenqondo. Ngase ngithi, “Uyazi ukuthini? Uyindoda ehlikaniphe kakhulu.”

Wathi, “Umama wami akazange akhulise noma yiziphi iziwula.”

Ngase ngithi, “Awu, leyo yinto enhle.”

⁵³ Ngathi, “Impela bengegeke—bengegeke ngazi,” angikwazanga ukuthi, “ngoba iBhayibheli lathi, ‘Isiwula sathi enhliziyweni yaso akekho uNkulunkulu.’” Niyazi, kodwa a—angikwazanga ukukusho lokho ngaleyonkathi, ngoba ngangimdlala ngqo kuze kuyofika endawaneni lapho engangimfuna khona.

Ngase ngithi, “Unomunye wengqondo ekhaliphe kakhulu engake ngabona, e, engake ngakhuluma nayo, indoda ebinengqondo ekhaliphile njengawe.”

Wathi, “Kunjalo.”

⁵⁴ O, waqhunyiswa. Yilapho engazi khona ukuthi ngangifanele ngidlale ngaye, kwakukhona lapho. Futhi ngathi, “Uzovuma ukuthi unengqondo na?”

Futhi wathi, “Ngani, impela! Ngani? Wenza sengathi ulahlekelwe eyakho.”

Ngase ngithi, “Qhabo, angicabangi ukuthi ngilahlekelwe eyami.” Kodwa ngathi, “Ngiyazibuza nje ukuthi unayo ngempela yini ingqondo.”

Futhi wathi, “Ukhuluma ngani na?”

Ngathi, “Yinqondo yomuntu, akunjalo na?” Wabamba ngayo leyonkathi engangizokwenza.

Wathi, “Manje, nje. . .”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane, bencingumnumzane ohloniphekile, ngiphendule owakho. . .” Ngathi, “Yisho imizwa yomzimba.”

“Awu,” wathi, “uyayazi.

Ngathi, “Ngifuna wena uyisho.” Ngathi, “Ngikusholo yona ngenkathi ngikutshela ukuthi bengiyazi.”

Wathi, “Uyabona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa.”

Ngathi, “Sewake wayibona ingqondo yakho na? Wake wayihogela, wayinambitha, wayizwa na?”

“Qhabo.”

Ngathi, “Khona-ke awunayo ingqondo.”

Wathi, “O, ngiyazi nginengqondo.”

Ngathi, “Ngiyazi nginoNkulunkulu, nami, mnumzane.” Ngathi, “Nje—nje ngiyakwazi lokho.”

⁵⁵ Ngakho, zonke izikhali zikaNkulunkulu asibonwa, kodwa ngokungabonwayo umKristu akubukayo, njengo-Abrama wabiza izinto ezazingekho ngokungathi zazikhona ngoba uNkulunkulu wayesho njalo. Ngakho-ke sizobheka manje, hhayi kokungabonwayo, kulentambama, kodwa izindlela ezine esizihambayo, besingathatha idazini, kodwa nje sizothatha lezozindlela ezine zibe yi—isiqinisekiso sokuthi uNkulunkulu uyaphila khona manje. UNkulunkulu ukhona lapha kulentambama, khona lapha kuleligumbi. Wethembisa, “Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.”

⁵⁶ Manje, sizokhuluma kuqala ngokuthi “UNkulunkulu Emhlabeni WaKhe Nezulu.” Manje, izwe belingabambelela

kanjani emkhathini elikuwo na? Empeleni, yikuphi okuphezulu noma okuphansi kwalo na? Ubani owaziyo na? Labo osezansi eNyakatho. . . eNdaweni yasekugecineni komhlaba eseNingizimu bazizwa sengathi baphezulu nje, njengalowo oseNdaweni yokugcina eseNyakatho. Ngakho niyabo, kungukuthi nje, baphushela ngalendlela, okufuqela phansi, sicabanga ukuthi si-bakhomba phezulu. Niyabo? Bacabanga ukuthi bakhomba phezulu, lapho bekhomba phansi kithi. Lapho sikhomba phezulu, kungani sikhomba phansi kubo.

⁵⁷ Ngakho, lilenga emoyeni. Yini elilibambile lapho na? Phosa ibhola phakathi lapho bese ulipininiza ngokushesha njengoba ufisa, lelizwe liphenduka kaphezudlwana kwamamayela ayinkulungwane ngehora, amamayela ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ukulizungeza, liyaphenduka, lenza inguqunguquko ephelele njalo emahoreni angamashumi amabili-nane, kodwa ngakho, lenza ngaphezudlwana kwamamayela ayinkulungwane ngehora liphenduka, awu, upininiza ibhola emoyeni, futhi, ngokulinganayo ijubane elifanayo, niyabo, belingeke lenze umzuliswano owodwa emjikelezweni ofanayo, beliyowa. Kuphakathi kokuthi liyokwenyuka, lehla, liya emaceleni, noma okuthize.

⁵⁸ Yini elibambile lapho na? Siyazi ukuthi selibe lapha iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, esinerekhode ngakho, ukuthi limi lapha endawaneni efanayo. Futhi bangakwazi ukulikala nenyanga nezinkanyezi ngokuphelele kakhulu, kuze kuthi ngeke kugeje nangomzuzwana, bangakubikezela eminyakeni engamashumi amabili ngaphambili lapho ukufiphala kwelanga kuyoba njalo, lapho inyanga nelanga kwedlula.

⁵⁹ Yonke into isebenza ngokuzwana kuNkulunkulu, konke okudaliweyo kukaNkulunkulu, ngaphandle komuntu. Ngakho, umuntu uyindodana yaKhe, ezizwayo ukuthi yazi nje kancanyana kunoma uBaba azi, ngakho, sizama ukukutholisisa kahle konke, esikhundleni sokukholwa nje lokho Akusho ngakho, yilokho kuphela.

⁶⁰ Esikhathini esithile esedlule, umphikinkolo wathi kimi, ekhuluma ngayo yonke inyanga nelanga, nokuthi kwalokoza kanjani ucezu oluncane.

⁶¹ Ngathi, “Uzokufakazisa kanjani lokho na?” Futhi ngathi, “Into kuphela ongayenza ukukufakazisa ngokukholwa.” Futhi ngathi, “Ngifuna ukukutshela manje, ukukholwa kwami kubuthakathaka kakhulu kulokho. Ngiyakukholwa nje okwashiwo yiBhayibheli, Yileyo nto kuphela enginokukholwa kuyo, yilokho uNkulunkulu akusho. Wenza amaZulu nomhlaba, futhi nje ngiyakukholwa ngaleyondlela. Ngakho lokho ngukukholwa enginakho, yilokho uNkulunkulu akusho ngakho.”

⁶² Futhi manje, manje-ke bekungake kuze kube kanjani na? Yayingaphila kanjani leyombali encane, kulentambama, lowomvini, ubungaphila kanjani, utshale, njalo, ngaphandle kukaNkulunkulu na? Bonke ososayense emhlabeni abakwazanga ukwenza elinye lalawomaqabunga lapho. Bangenza into ethize efana nalo, kodwa abakwazanga ukwenza lelocembe, ngoba lelocembe linokuphila kulo, nesayense ingeke neze yaveza ukuphila.

⁶³ Imbali encane, uthatha, njengani besifazane lapha, kuyabanda lapha esigodini, ngiyahambahamba, ngibone izingadi zenu zezimbali manje, bengigibele ngijikeleza esikhashaneni esedlule, ngizama ukugcina ingqondo yami ikuNkulunkulu, futhi ngikhuleka, “Nkosi, yenza okuthize lapha esigodini, ngiyacela, siza abantu baKho, yihora elimnyama impela,” futhi ngigibela ngehla ngenyuka emigwaqeni, ngikhuleka, ngase-ke ngedlula ngase ngibona izimbali ezithandekayo. Manje, ngeke kube yisikhathi eside isithwathwa size sishaye leyombali encane, iyokhothamisa ikhanda layo elincane ekufeni, ezinye zazo ziyoba zintsha, eziphakathi nendima yempilo, nezindala, okuphuma lapho kuqathaza imbewu encane emnyama.

⁶⁴ Noma ngabe uyakukholwa noma awukukholwa, uNkulunkulu unodwendwe lomngcwabo wezimbali zaKhe. Benikwazi lokho na? Impela uyakwenza, izimvula zasekwindla ziyafika futhi zikhale kakhulu, izinyembezi ezinkulu zehla ziphuma ezibhakabhakeni, bese zimbela leyo encane, imbewu emnyama ngaphansi komhlabathi. Kunjalo impela. Kufika ubusika bese kwenza iqeqeba leqhwa imbewu, iqhume ivuleke, uginindela uyaphuma, futhi manje, benza iqeqeba leqhwa amayintshi amaningana ukujula, isiqu asisekho, isigaxa asisekho, iqabunga alisekho, imbewu ayisekho, uginindela awusekho. Ngabe lokho ukuphela kwaleyombali na? Qhabo, mnumzane. Ngokushesha nje lapho i—ilanga liphuma empumalanga futhi liqala ukufudumala, manje, ungeke uthathe ukukhanya bese ukubeka kuyo, futhi uyenze, kuthatha ukukhanya kwelanga, ubeke ukukhanya kwelanga phezu kwayo bese kuqala ukuyifudumeza, izobuyela ekuphileni futhi.

⁶⁵ UNkulunkulu wayenaleyombewana yokuphila ifihlwe ndawondawo ukuze ikwazi ukuphila futhi, ngoba ise—isentandweni kaNkulunkulu. Yisitshalo sikaNkulunkulu, uNkulunkulu wasibeka lapha ngenhloso, futhi asiqophisani noma sikhathazeke, sifeza inhloso nje uNkulunkulu asibekele yona lapha.

⁶⁶ Futhi uma nje sizokwenza okufanayo, sifeze inhloso uNkulunkulu asibekele yona lapha! Hhayi ukuba nje, sifanele sifuye izingulube, futhi lokho kulungile, sifanele senze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa Wasibeka lapha ukuba sibe

ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ukuMkhazimulisa, nokuMdumisa njengembali encane.

⁶⁷ Ngashumayela ngendaba esikhathini esingeside esedlule *Bheka Iminduze*, ngase ngithatha umnduze, uMelusi Mnduze, ukuthi uyivula kanjani inhliziyo yakhe, inyosi ikhipha ingxenye yakhe, nezivakashi zedlula, “*zihogele*,” lelophunga elimnandi, yonke into ithola ingxenye kaMnu. Mnduze, futhi ufanele asebenze kanzima imini nobusuku ukuveza lokho. Anikholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? Ndawo zonke, uNkulunkulu ukhona.

⁶⁸ Enhla ekhaya lami, ngihlala eMfuleni i-Ohio, futhi o, ngiyawathanda amanzi nje, futhi kwakukhona umfana omncane owayehlala ezansi edolobheni, futhi waya esontweni, futhi wayengokahle, umfanyana omncane. Futhi wathi kunina ngelinye ilanga, wathi, “Mama, ngifuna ukukubuza umbuzo.” Wathi, “Ngizwa umshumayeli ekhuluma ngoNkulunkulu emkhulu kakhulu.” Futhi wathi, “Manje, ngiyamangala nje ukuthi ukhona yini ongake abone uNkulunkulu na?”

“Ngani,” wathi, “S’thandwa, buza uthisha wakho kaSonto sikole.” Wathi, “Umama ubengekuphendule lokho, angazi lutho ngakho.”

Futhi ngakho babuza uthisha kaSonto sikole, wayesethi, “O, bengingeke ngazi ngalokho. Ubufanele ubuze umelusi.”

Ngakho wahamba wayesebuza umelusi, nomelusi wathi, “Qhabo, ndodana, akekho umuntu ongabona uNkulunkulu. Akekho umuntu ongabona uNkulunkulu futhi aphile, ungeke nje ukwenze.”

⁶⁹ Ngakho umfo omncane wadumala. Wazihlanganisa nomdobi omdala owayehlala emfuleni. Futhi ngoluny’usuku, babephezulu ngapha eduze kwe [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] (Uxolo.) iSix Mile Island, futhi nakho kukhuphuka isiphepho. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe.] (Uxolo.) Futhi nakho kukhuphuka isiphepho, namanzi, niyazi ukuthi kufika kanjani emva kwemvula, amaqabunga onke agugulekile.

⁷⁰ Umdobi omdala wabuyela emuva waphuma esikebheni, wayeseqala ukwehla ngomfula edonsa isikebhe sakhe. Futhi njengoba nje umgwedli, noma yimuphi umshayeli wesikebhe uyazi, ukuvumelana kwalelochopho legagasi ezigwedlweni, *kanjalo*, lapho ehlisa, wayedonsa ibhokisi lezinhlanzi ngemuva. Futhi kwakukhona i, ilanga liphuma entshonalanga, ngalendlela, futhi lalibuka ngasempumalanga, umdobi omdala wayekhona, futhi nakho kufika uthingo lwenkosazana lunqamula izibhakabhaka. Nomfo omncane wayehlezi kwingemuva lesikebhe, futhi ngakho uqala ukuqaphela umdobi omdala nentshebe yakhe empunga,

izinyembezi ziqala ukwehla ezihlathini zakhe lapho ebuka lolothingo lwenkosazana, ehamba.

⁷¹ Nomfo omncane waba nomdlandla, futhi wagijima wenyukela enkabeni yesikebhe, wadumela umdobi omdala ngamadolo wayesewa phansi lapho ezinyaweni zakhe, wathi, “Mnumzane, ngizokubuza umbuzo uthisha wami kaSonto sikole, umama wami, umelusi wami, akekho obengaphendula: ngabe ukhona obengabona uNkulunkulu na?”

⁷² Nomdobi omdala ehlulwe kakhulu, wavele nje wadonsa izigwedlo wazifaka esikebheni, washo wagaxa umfana omncane, wathi, “UNkulunkulu ayibusise inhliziyo yakho encane, s’thandwa. Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amahlanu edlule bekunguNkulunkulu.” KwakunoNkulunkulu omningi kakhulu ngaphakathi kuye, yonke into ayeyibuka kwakunguNkulunkulu.

⁷³ Ubona kanjalo-ke uNkulunkulu yilapho uthola uNkulunkulu ngaphakathi kuwe. Mvumele abuke ngamehlo akho, uyomsebenzela kanjalo-ke uNkulunkulu, lapho uNkulunkulu engasebenzisa izandla zakho, asebenzise izinyawo zakho, asebenzise izindebe zakho, asebenzise ulimi lwakho, asebenzise izindlebe zakho, asebenzise amehlo akho. UNkulunkulu, kuwe, ubona uNkulunkulu ngaphandle. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Wayesothingweni lwenkosazana, waxazulula umbuzo lapho ukuthi akukho namunye wabo owayengawuxazulula.

⁷⁴ Ngingumzingeli, njengoba nonke nazi. Umama wami uyiNdiya ingxenye, nami, nokuphenduka kwami akuzange kukukhiphe lokho kimi, ngisalokhu ngenyukela eColorado lapho engingumqaphi khona onelayisense, futhi njalo enkwinda, futhi ngihambe phezulu le ezintabeni lapho engangivame ukwelusa khona izinkomo iminyaka, futhi ngihlale lapho izikhathi eziningi, ngafunda okuningi kakhulu ngoNkulunkulu. Ngiyakhumbula ngihlezi lapho, umlenze wami unqamule... lapho iHereford Association idlisa khona i—iTroublesome River Valley, futhi ngibhekisisa abafuyi bezinkomo njengoba singenisa izinkomo, sizibeka entwasahlobo ukuba zeluswe.

⁷⁵ Futhi nansi into eyodwa mina, isizathu ngingongakhethi-hlelo. Umqaphi wama lapho othangweni lokushushumbisa, futhi wazibhekisisa lezozinkomo. Uma ungatshala ithani lefolishi epulazini lakho, lizeveza amathani amaningi efolishi, ungabeka inkomazi ehlathini; ngiqagele nisenemithetho efanayo lapha. Bese kuthi-ke, umfuyi wezinkomo emi lapho eqaphele lezozinkomo, akazange anake kakhulu kangako ukuthi hlobo luni lohawu ezazinalo kuzo.

⁷⁶ Eyethu kwakuyiTripod, nezinye, igama ngenhla kwethu kwakuyiTurkey Track, futhi ngenhla nje kwalapho kwakuyiGrimes, indawo enkulu eyayineBar, iDiamond Bar,

nokuningi kwe, abanye babo babeka amakhulu ngamakhulu ezinkomo lapho. Kodwa niyazi, lowo—lowomqaphi akazange aziqaphele lezo zimpawu, wayebhekisisa icici legazi endlebeni. Wawungeke ubeke iHereford kulelohlathi ngaphandle, noma, inkomazi kulelohlathi ngaphandle kokuba yiHereford yohlobo, kwakufanele kube yiHereford ebhalisiwe.

⁷⁷ Futhi ngicabanga ukuthi ngoSuku lokwaHlulela uNkulunkulu akazukuqaphela noma ngingowe-Assemblies, noma iChurch of God, noma yiliphi ibandla engisonta kulo, uphawu engilufakayo, Uyobheka icici leGazi, iGazi leNdodana yaKhe uQobo, yilokho Ayo—ayokubheka. Akukho okuyongena lapho ngaphandle komKristu ozelwe ngokusha.

⁷⁸ Ngizingela izinyamazane ama-elki, inyamazane i-elki phezulu le phezulu kulonyaka, ngoba kwakukade kungekho-qhwa elizozixoshela ezansi. NoMnu. Jeverez, owayengomunye wabanikazi belinye lamapulazi amakhulu, sasazi wonke umhlabathi kulonke izwe lehlathi lapho amamayela ayikhulu, ngoba sasinakho, ngokuba ngangelusa izinkomo, futhi ngazipha usawoti, nokunye nokunye, ngithathe izitimela zokupakisha, futhi ngibuyele emuva, futhi ngiphe izinkomo usawoti, futhi ngiziqoqe, kanjalonjalo.

⁷⁹ Futhi sasihambile sayozingela, futhi ungomangalisayo, umzingeli omuhle, futhi wayethathe ngakwesokunxele ukuba abuyele emuva ngale e, esikubiza ngokuthi, iWest Fork, ngathatha i-East Fork. Futhi sasihlangana ezinsukwini ezine noma ezinhlanu, futhi silengise i-elki yethu, futhi noma yini esasizoyithola, bese-ke sihlanganisa amahhashi ethu, bese sithatha imithwalo bese siyeza, siyehlise. Ngangiphezulu le, ngihamba ngizungeza phezulu lapho, futhi kwakukade—kungekho qhwa elingako. Futhi—futhi ekwindla yonyaka, phezulu ezintabeni, liyokhithika, bese-ke lina, khona-ke ilanga liyokhanya. Niyazi ukuthi kunjani, ukuguquka kwesimo sezulu ngo-Okthoba.

⁸⁰ Futhi ngangihamba phezulu le, cishe impela umugqa womuthi wamapulangwe, futhi nakho kukhuphuka o—o—owaseNyakatho, nezibhakabhaka zaphenduka zaba luhlaza okwesikhashanyana, futhi o, laqala ukuvunguza, futhi lina, futhi—futhi likhithika. Futhi ngafika emva kwesihlahla, futhi nje ngama emva kwesihlahla, ngabeka phansi isibhamu sami esikhulu, kwakukhona isishingishane esisondele, ngase ngibeka isibhamu sami esikhulu phansi lapho, futhi ngangicabanga nje, “O, Nkulunkulu, Umkhulu kangaka! Umangalisa kunjani! Ukakhulu. . .

“Wenza izintaba,
Wathulula umthombo,
Waphakamisa intaba,

Nkosi gcina izandla zaKho eziyigugu phezu kwami.”

⁸¹ Njengoba ngangimi lapho ngilindele imvula ukuba iphephule, kwase kuthi-ke imimoya yaba namandla ngempela, futhi emva kokuba isiphepho sesiphelile, ngezwa inyamazane i-elki endala iqala ukukhala, yalahleka esiphephweni. Phezulu le eceleni kwegquma, ujakasi ikoyote yampompoloza, umata waphendula ezansi ngokuqhubekayo. Niyazi ngenkathi uDavide ethi, “Utwa lubizana notwa,” kwakukhona okuthize ngakho okwakungukumesaba uNkulunkulu kimi, ngizwa izilwane zasendle zibiza; kwakukhona leyonyamazane i-elki.

⁸² Ngaphenduka ngase ngibuka emuva ngasentshonalanga, ngaseWashington lapha. Futhi lapho ilanga lalishona khona, lishona emifantwini yezintaba, kwakubukeka njengeso elikhulu libuka, ngacabanga, “Kunjalo, ‘Amehlo aKhe aqalaza emhlabeni.’” Yonke indawo owawubuka kuyo kwakunguNkulunkulu, ngokumesaba nje uNkulunkulu.

⁸³ Ngase-ke ngibheka emuva ngalendlela, futhi kwakukhona uthingo lwenkosazana emuva ngalendlela, e, lapho izihlahla ezihlala ziluhlaza zazibe yiqeqeba lamakhaza ngenxa yemvula, futhi kwabumba ilanga ngokumelene nakho, kwenza uthingo lwenkosazana ngaphesheya kwesigodi. Impisi impongoloza, inyamazane i-elki ikhala, nelanga lishona, o, he, ngama lapho ngikhala njengengane. Ngabuka emuva, ngathi, “Ya, kukhonani othingweni lwenkosazana na? Yisivumelwano, isithembiso.”

⁸⁴ ISambulo 1, “Wayebukeka njengetshe lejaspi nesardiya,” lowo nguBenjamini noRubeni, owokuqala nowokugcina; Owayekhona, okhona, nozayo; iMpande neNzalo kaDavide; iNkanyezi yokusa. Konke Ayeyikho, iziqu zaKhe, Nango othingweni lwenkosazana ehlezi lapho, futhi ngacabanga, “O, kuhle kanjani! Kumnandi kanjani ukuba lapha!”

⁸⁵ Futhi ngajabula kakhulu, ngaze ngazungeza, ngazungeza lesosihlahla, ngamandla ami onke, ngimemeza ngephimbo lami lonke, cishe amamayela angamashumi amathathu-nanhlanu ukusuka esidalweni esingumuntu, futhi ngangidazuluka nje, futhi ngimemeza. Ngiqagele ukuba omunye ubengafika emahlathini, babeyocabanga ukuthi umuntu othile uphume esikhungweni sezinhlanga enhla lapho. Ngangidazuluka nje futhi ngimemeza, ngangingenandaba, ngangikhonza uNkulunkulu, nganginesikhathi esimnandi nje.

⁸⁶ Futhi ngangima, futhi ngangicabanga, “Kunjalo, Ungu-Alfa no-Omega, onguye izolo, namuhla, naphakade.” Futhi ngizungeza, futhi ngizungeza, futhi ngizungeza isihlahla ngiyohamba futhi, ngamandla onke lapho ngihamba nje. Nje, ngadingeka ngidedele esinye isitimu, niyazi, kwakungukuthi nje, *okuthize* okwakubila, futhi ngavele ngadazuluka ngalo lonke iphimbo lami.

⁸⁷ Futhi emva kwesikhashana, ngezwa ingwejeje encane yeshoba, angazi noma nina bazalwane niyazi ukuthi ziyini noma qha, iyiphoyisa lejazi eliluhlaza lamahlathi, yagxumela esiqwini lapho, “*Tshweke, tshweke, tshweke! Tshweke, tshweke, tshweke!*”

⁸⁸ Ngacabanga, “O, yini ekuxhuxhumisa kangaka mfo omncane na? Ngikhonza uNkulunkulu owakudalayo.” Futhi ngahamba ngazungeza ngazungeza isihlahla futhi, ngamandla ami onke. Futhi ngacabanga, “Awu, ngikhonza yena impela uNkulunkulu owakudalayo. UnguMdali wami, ngiyaMthanda, ngiyakhonza.” Futhi ngangilokhu ngizungeza isihlahla. Emva kwesikhashana, ngathi, “Awukuthandi lokho na? Ubufanele ukwenze wena uqobo. Uyisidalwa sikaNkulunkulu, ubufanele uMkhonze, wena uqobo.”

⁸⁹ Ngithola ukuthi, yayingangibhekile, Yayiqhumisa ikhanda layo elincane emaceleni, futhi ibuke phansi kuleso sishingishane. Nemimoya yayiphephule ukhozi oludala lwehla phakathi lapho.

⁹⁰ Manje, ukhozi lungenye yezinyoni zami engizithandayo, ngakho, uNkulunkulu ufanisa abaprofethi baKhe nezinkozi. U—Uzisho Yena uqobo, U—Ulukhozi qobo lwaKhe, uJehova-Khozi. Mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngingathanda ukunishumayelela lokho ngesinye isikhathi, *NjengoKhozi Luhlaka Isidleke Salo*.

Bese kuthi-ke, ngakho-ke ngenkathi ibuka ngaleya ohlangothini *kanjalo*, yayibhekisisa lolukhozi ezansi lapho.

Nalolukhozi olukhulu lwagxuma lwaphumela lapho, awalo amakhulukazi, amehlo abukeka empunga, futhi ngacabanga, “O, yilokho okukuxhuxhumisile. A-hha.”

⁹¹ Awu, ngafanele ngikutadishe lokho, futhi ngacabanga, “Nkosi, ngiyazi ukuthi Ukulokho kukhala ngokunswininiza kwaleyonyamazane i-elki, Usekubizeni kwaleyompisi, Usothingweni lwenkosazana, Usekushoneni kwelanga, Ukimi, Ukuyo yonke indawo nje, Ukuzo zonke izimbali, U—Ukhona yonke indawo, manje, Ungake ungiyekise kanjani ekukhonzeni Wena, ukuba ungivumele ngibone lolokhozi oludala lumi lapho na? Manje, akukho lutho ngalo, lungumphangi. Awu, uthini ngalo na?” Ngathi, “Ulikhuphulele ini na? Yini...? Ngibona uNkulunkulu phandle lapho, kodwa angimboni uNkulunkulu kulolokhozi oludala.”

⁹² Awu, kwenzeka ngaqaphela lapho, ngathi, “Awusho, mfo, uyazi ukuthi ngingakudubula na?” Manje, lwalazi ukuthi ngangilwazisa, ngiyasithanda isibindi salo. Lwalubhekisisa... Ngaluqaphela... “Awungesabi ngani na?” Futhi ngaliqaphela lithatha amaphiko alo, niyazi, izimpaphe zalo futhi lizizwa *kanjalo*. Lavele nje... .

⁹³ Ngacabanga, “O, ngiyabona, ngiyabona, Nkosi.” Niyabo? “Alwesabi, linamaphiko amabili eliwanikezwe nguNkulunkulu. Liyazi ngaphambi kokuba ngithinte lesosibhamu esikhulu,

belingaba kuleyomithi yamapulangwe lapho, futhi ngeke ngisalibona.” Niyabo? Futhi ngacabanga, “Uma belinga, uma lolokhozi, ngesiphiwo elisiphiwe nguNkulunkulu samaphiko amabili, ukulususa e—ezinkathazweni, belifanele kangakananike iBandla, lapho bekwazi ukuzwa amandla kaMoya oNgcwele ebazungezile, besifanele senzeni na? Ukwazi ukundiza sisuke, ngokukholwa, kukho konke ukugula, zonke izifo, nayo yonke into yezwe, uma singabuzwa uBukhona bukaNkulunkulu.”

⁹⁴ Inqobo nje uma lezozimpaphe lwalugijima kahle, lwalazi ukuthi lalingakwenza, ngoba lalinokuzethemba esiphiweni uNkulunkulu ayelinike sona. Futhi nokho, sihlezi futhi simangale futhi siphange, ngawo impela amandla kaMoya oNgcwele phezu kwethu, futhi ahambe...ehamba edabula esakhiweni ekhombisa ukuthi Ukhona.

⁹⁵ Ngani, ubona uNkulunkulu noma yikuphi lapho obheka khona. Anikukholwa lokho na? UNkulunkulu usokhozini, uNkulunkulu usekubizeni kwempisi, uNkulunkulu usekushoneni kwelanga, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu usembalini yaKhe, ngani, uNkulunkulu ukuyo yonke indawo uma nje uzoqalaza.

⁹⁶ Ukuqeda leyondaba, lolokhozi oludala, ngalubhekisisa kancanyana. Nalengwejeje yesihlahla seshoba endadlana—endadlana imi phezulu lapho, ingibuka, niyazi, “*Tshweke, tshweke!*” ibuka ukhozi. Futhi emva kwesikhashana ukhozi lwanela yikho, ngakho lavela nje lenza ukugxuma okukodwa okukhulu, labhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, lalingasekho.

⁹⁷ Manje, ngiluqaphelile, aluzange lunyakazise olwalo, uphapha emva kwalokho, lapho selufike ngaphezu kwaleyomithi yamapulangwe eluhlaza, lavela nje lahlela amaphiko alo, lazi ukuthi kwenziwa kanjani, futhi ngenkathi lowomoya, ukhuphuka entabeni, ngaso sonke isikhathi umoya wawungena, *whewu*, lwaluvele lugibele kuwo, lugibele phezulu kuwo. Ngama ngalubuka, o, he, laya ngokuba luncane ngokuba luncane, lwaze lwahamba lwayothi ngqu lwangabonakala.

Futhi ngacabanga, “Yilokho-ke. Yilokho-ke, Nkosi.”

⁹⁸ Niyabo, akusikho, lapho ugula noma udinga, akusikho uku: *Bhakuza, ubhakuze kulokhu*, “Hambisa incwadi iletha yakho ngale kulelibandla, nama-Assemblies awakuphathi kahle, hamba uye ngale eChurch of God, abakuphathi kahle, buyela kwiBaptisti.”

⁹⁹ Akusikho lokho. Kungukwazi nje ukuthi uwahlela kanjani amaphiko akho okukholwa emandleni kaNkulunkulu, ugibele usuke kukho, uqhubeke. Lapho uMoya oNgcwele uqala ukunyakaza, vele ugibele ukhuphuke kuWo.

¹⁰⁰ Akusikho: *Ukubhakuza, ubhakuze, ubhakuze, ubhakuze, ubhakuze, ubhakuze*, “Awu, ngizoya ngapha uma ungangiphathi kahle. Ngizobuyela emuva ngapha. Ngizohamba ngidlule

emgqeni womkhuleko kaRoberts. UMfowethu Branham uyeza, ngizodlula kowakhe.”

¹⁰¹ Akusikho lokho. Beka ukukholwa kwakho emandleni kaNkulunkulu bese uyasuka.

¹⁰² Washiya leyingwejeje endadlana, noma, ingwejeje ihlezi lapho ithi, “*Tshweke, tshweke, tshweke!* Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuPhulukisa ngokukaNkulunkulu. Akukho-mbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Lwavele lwandiza lasuka kuyo.

¹⁰³ O he! Yilokho esifuna ukukwenza, ukuphakama ngaphezu kwakho. Suka kulabobantu othi, “Ayikho into okuthiwa ukuPhulukisa ngokukaNkulunkulu. UNkulunkulu akaligcini iZwi laKhe. UJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade.” Vele ubeke amaphiko akho emandleni kaNkulunkulu bese uyasuka. Kunjalo. Qhubeka usuke ungabe usabonwa, bashiye behlezi bodwa. Yiba yisithulu kakhulu nje ungabe usabezwa nhlobo, suka nje kukho. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. UNkulunkulu uhamba phakathi kwezidalwa zaKhe.

¹⁰⁴ Thatha idada elidadlana, ngenyukela emahlathini asenyakatho ngezinye izikhathi ukuyozingela, ngazingela umhlaba wonke, ngenyukele emahlathini asenyakatho, kukhona idada elidadlana elizalwa phezulu lapho kulelochibikazi. Alizakaze lisuke kulelochibi, lazalelwa lapho ngaleyontwasahlobo, kodwa *ngandlela thize enye*, lapho amaqhwa angamakepisi eza ezintabeni, nalowo omncane wokuqala, umoya obandayo ohelezayo wehla unqamula intaba, kukhona idada elithize elincane kulesosiziba, liyidada eliyiqhude elidadlana, liphumela khona lapho maphakathi nalesosiziba, liwuphakamisela emoyeni umlonyana walo elikhala ngawo, futhi lithi, “*Honk, honk,*” nawo onke amadada echibini azoza kulo. Yebo, mnumzane.

¹⁰⁵ Lizokwenzani na? Liyovuka lisuke kulokho, niyakhumbula lalingakaze lisuke kulesosiziba, kodwa lizokhuphuka ngqo lisuka kulesosiziba futhi lihole onke lawomadada eqonde ngqo eLouisiana emasimini erayisi njengoba engahamba. Uma lingakwenzi, konke kuzoba yiqeqeba lamakhaza.

¹⁰⁶ Impela, besifanele sibe nomuzwa wedada. Uma uNkulunkulu engasebenzisa umuzwa wokuzibonela ngokwemvelo kwedada ukuhola abantu bakhe, noma, abangane balo abangamadada basuke endaweni eyoba yiqhwa, impela amandla kaMoya oNgcwele abefanele asiholele kuKristu OnguMphulukisi wethu, futhi sisuke engozini. UNkulunkulu wanikeza umuzwa wokuzibonela ngokwemvelo kwedada, Wanika wena uMoya oNgcwele. O, ngizizwa ngikholwa khona manje! Yebo, ngiyazizwa. Yebo, Wasinika uMoya oNgcwele ukuba siphunyuke kulezozinto, impela.

¹⁰⁷ Uthatha, uvule umsakazo wakho, futhi uthi, “Kusasa, kuzoba isimo sezulu esibandayo, noma, kuzoba isimo sezulu esishisayo,” noma ngabe yini umsakazo obuyoyisho. Siyothi, isibonelo nje, “Kuzo—kuzofudumala kusasa, kuzofudumala,” futhi ubhekisise leyongulube yensikazi endala iya ngaleya bese ithatha lezozinti ezingasenyakatho yegquma, bese izedlulisela ngaphesheya kwegquma, ungakunaki ukuthi lowo msakazi uthini, akazi ukuthi ukhuluma ngani, leyongulube iyazi.

¹⁰⁸ Uyaphuma futhi ubhekisise labonogwaja behla ngqo ngaphansi kotshani obuyivukuzi, futhi makuthi indoda ithi, “Kuzoba nesimo sezulu esikahle,” ningakunaki akushoyo, lowonogwaja wazi kakhulu kunoma iyoke yazi ngalokho. UNkulunkulu umnikeze indlela yokuphunyuka ezintweni, futhi uyakholelwa kuyo, futhi uyayilungiselela.

¹⁰⁹ Njengoba uNowa enza ngomkhumbi, walungisa umkhumbi ngaphambi kokuba imvula ine. Amen. Ulungele, kulentambama, ukundiza uhambe na? Uyambona uNkulunkulu na? Suka kulokhu ukugula, nezifo, nokungabaza, nezingxaki. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu.

¹¹⁰ Esikhathini esingeside esedlule, eminyakeni embalwa edlule, ubaba nami sasilima, futhi kwakuyikuseni elishisayo, sasilele ngasembileni, futhi—futhi uBaba wathi, “Awu...” Amahhashi aqala ukuthimula futhi athimule.

Ngase ngithi, “Yini indaba ngawo, Babayi na? Ngabe kukhona inkentshane, noma into ethize emuva lapho na?”

Wathi, “Qhabo, qhabo, kukhuphuka isiphepho.”

Ngathi, “Ini?”

Wathi, “Isiphepho.”

Ngathi, “Angiboni-siphepho, nomaphi.”

¹¹¹ Wathi, “Billy, yima kancane,” wathi, “awuqondi.” Wathi, “UNkulunkulu unike ihhashi umuzwa wokuzibonela ngokwemvelo ukuthi lapho kufika isiphepho,” nonke nake nagibela ihhashi niyazi ukuthi umbani uyodlala kanjani phezu komhlwenga walo, wathi, “lino—linomuzwa wokuzibonela ngokwemvelo ukufinyelela ekuphepheni. Yingalesosizathu lithimula, afuna ukufinyelela esibayeni.”

Ngase ngithi, “Isiphepho na? Ngani,” ngathi, “akukho kuduma, akukho-mbani, akukho-fu, nomaphi.”

Wathi, “Kodwa bhekisisa nje imizuzu embalwa.”

¹¹² Ngangikalimi imizungelezo emibili, futhi nakhu kufika isiphepho. Niyabo? UNkulunkulu wawanika umuzwa wokuzibonela ngokwemvelo. UNkulunkulu ukuzo zonke izidalwa, ndawo zonke, uma nje nizokubhekisisa. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Uyakukholwa na? Impela, Unjalo.

113 Manje, lapha eminyakeni ethize eyedlula, ngangifunda indatshana lapho umphikinkolo wanqamula izwe lonke. Ehlakaniphe kakhulu, enobuhlakani kakhulu, ngangokuthi abefundisi babengakwazi ngisho nokubhekana naye. Sekube yiminyaka ethi ayibe ngamashumi amahlanu edlule, futhi wayegugula abantu besuka ebukristwini beya ebuphikweninkolo. Futhi ekugcineni, wagula empilweni yakhe, futhi waya eColorado ukuyophumula. Ngolunye usuku wayesekamu, futhi waphuma, futhi uqala ukubuka lawomadwala, futhi wathi, “Ngabe kuyiqiniso, ngabe nginephutha na? Ngabe—ngabe...? Ngabe ukhona iSidalwa esakubeka lapho na?”

114 Lapho lezozihlahla zishwibeka ziya emuva naphambili, nomoya, “Adamu, uphi na?” Niyabo?

115 Futhi ekugcineni, lowomphikinkolo ehlezi phandle lapho ogodweni ebuka lawomadwala wawa ngobuso bakhe, wayesethi, “Nginephutha! Nkulunkulu yiba nomusa kimi, isoni!”

116 Akumangalisi umBhalo wathi, “Uma bethula, amadwala ngokushesha azomemeza.” Okuthize kuzokwenzeka! Uma umuntu eqalaza emhlabeni nezulu, angathola uNkulunkulu. Anikholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? Impela, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu.

117 Manje sizothatha “uNkulunkulu EZwini LaKhe,” okomzuzu nje. Bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? Impela, Usemhlabeni waKhe nezulu. Besingaqhubeka yonke intambama, kodwa asifuni, sifuna ukushaya lawa amanye amaphuzu amabili.

118 Manje, ningambona uNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu na? Bangaki abangabona uNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu na? Kuzo zonke lezizinto ezehlukene na? Impela, ungakwenza. Manje ake sibone uma uNkulunkulu eseZwini laKhe.

119 UNkulunkulu useZwini laKhe kakhulu ngangokuthi “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

120 UNkulunkulu useZwini laKhe, siyakukholwa lokho, UyaLigcina. Singakusho, lapho uNkulunkulu ekhuluma noma yini, sibhekisisa leloZwi lehla ngqo, Kubonakalisiwe ncamashi nje lokho Athi kuyafezeka, ngakho siyazi ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe.

121 Watshela u-Abrahama ukuthi wayezoba nengane ngoSara, futhi walinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe. Watshela uNowa ukuthi lalizokuna, nazo zonke izinto Azisho, Watshela ikhulu namashumi amabili ukuthi, yenyukani, nilinde eJerusalema kuze kuba sekufike uSuku lwePhentekoste ngokugcwele,

Wayezothumela isithembiso sikaBaba, Waligcina iZwi laKhe. Uligcina njalo iZwi laKhe.

¹²² Wathi, “Lezizinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza.” Uyaligcina iZwi laKhe. “Kuseyisikhashana izwe,” inqubo yezwe, “lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Uyaligcina iZwi laKhe. UNkulunkulu useZwini laKhe.

¹²³ Lapha, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, “UNKulunkulu u... iZwi likaNkulunkulu liyiMbewu, uJesus wathi, ‘ukuthi umhlwanyeli waphuma ehlwanyela, naleMbewu, Yahluma,’ no—nokunye nokunye.” Manje, yonke imbewu, uma kuwuhlobo olufanele lwembewu, izoveza lokho eyikho, izophinda iziveze yona futhi.

¹²⁴ Eminye embalwa, cishe eminyakeni emithathu edlule, noma emine, ngangihlezi e—esitolo samaswidi ngidla u—ayisikhilimu nomshumayeli omdala oyiMethodisti umngani wami, usehambile waya enkazimulweni manje, futhi sasihlezi lapho sikhuluma ngokulunga kukaNkulunkulu.

¹²⁵ Wayenguye umfundisi omdala ofanayo owaqamba leloculo:

Sehlise imigoqo, sehlise imigoqo,
Saxegisa nesono.
Sehlisa imigoqo, izimvu zaphuma,
Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

¹²⁶ Nga—ngathi, “Awu, lokho kulula, wehlise imigoqo, yilokho—yilokho kuphela, uqala nje ukuxegisa, futhi zingene kanjaloke izimbuzi, zidla konke uKudla kwezimvu.” Futhi azikuthandi lokho, zifanele zibe nokhula, ukhula lobufundisi basesontweni. Izimbuzi ithola—ithola, yeneliseka ngokhula, kodwa imvu ifanele ibe noKudla kwangempela.

¹²⁷ Ngakho qaphelani, ngenkathi eselapho, umsakazo wawuvuliwe esitolo samaswidi esincane, eHenryville, e-Indiana, lapho esasikhona, kwakunguDokotela Spurgeon omdala, umngane wami okahle kakhulu, futhi ngakhoke umsakazo wawuvuliwe, nohlelo oluthi *Ihora lezoLimo* laludlala. Ne 4-H Club encane eLouisville, eKentucky yayinomshini laphaya ababewenze umshini owawukwazi ukuphinda ukhiqize uhlamvu lombhila ngokuphelele kakhulu obungeke uluhlukanise kulolo olukhule ensimini.

¹²⁸ Wathi ukhipha idlanzana esakeni olukhuliswe ensimini, idlanzana oluvela esakeni u—u—umshini olukhiqizile, zixube ndawonye, futhi ubungeke uphinde uzihlukanise futhi. Wathi ubungazisika uzivule, inani elifanayo lekhalsiyamu, inani elifanayo lomswakamo, inhliziyo ikahle nje, bekuyokwenza impuphu yombhila efanayo, isinkwa sombhila esifanayo, izimpephesi zombhila ezifanayo, impela nje. Wathi yinye kuphela indlela obungake uze uzahlukanise ngayo, lokho ngukuzimbela, nalolo umshini olwenzile luyabola futhi

lungaphinde luphile, kodwa lolo uNkulunkulu alwenzayo luyaphila futhi, ngoba lunokuphila kulo.

¹²⁹ Ungathatha indoda ebukeya ingumKristu, iziphathisa okomKristu, kodwa uma leyondoda ingenalo iZwi likaNkulunkulu kuyo, uma ingekho imbewana yokuPhila phakathi lapho ukuqhumisa lokho, ayisoze yavuka ekuvukeni. Kunjalo. Ngoba ayikwazi ukuvuka, akukho lutho phakathi lapho ukuyivusa futhi, iNzalo.

¹³⁰ Manje, lapho umbela imbewu, nina balimi, uthatha futhi uphume lapha bese utshala ummbila wakho, awuphumi njalo ekuseni futhi uyihwaye uyikhiphe, bese uthi, “Ake sibone manje, ngabe iyakhula na? Kukhona okwenzayo kuyo na? Qhabo.” Uyibuyisele phansi. Sekwedlule isikhathi ngosuku olulandelayo, wena uthi, “Ngifuna ukubona ukuthi ihamba kahle yini,” uyihwaye uyikhiphe futhi; ayisoze yamila kanjalo. Awu, into oyenzayo ngembewu, uyinikela emhlabathini, uyimboze, yilokho kuphela ongakwenza ngayo, kukuNkulunkulu ukwenza konke okunye kwakho.

¹³¹ Awu, leyo yindlela efanayo okuyiyo ngeZwi likaNkulunkulu. Uma uzothatha noma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu uNkulunkulu asenza eBhayibhelini laKhe, usifake enhliziyweni yakho, futhi usinisele nsuku zonke ngezindumiso zikaNkulunkulu ukuthi kuzofezeka, sizokhula, uma unga . . . yeka ukuzilulaza ngaso, uma nje uzosiyeka kanjalo.

¹³² Ungasho ukuthi, “Ake ngibone, nginganyakazisa umunwe wami kangcono namhlanje na? Ngabe ngizizwa ngingcono na? Ngabe ubuhlungu bami bekhandabungcono kancanyana, noma konke khona konke . . .?”

¹³³ Akusoze kwaba yilokho, vele ukunikele kuNkulunkulu, futhi uhambe, ukushiye kanjalo. Leyo yiMbewu kaNkulunkulu, Iyomila.

¹³⁴ Esikhathini esithile esedlule ngangisenhla eMinneapolis, eMinnesota, futhi ngathola inewadi eyobulayo ngalokho kusa. Futhi kwakunesiphapho seqhwa ngalobobusuku, futhi ngabuyela ehotela elidadlana, elishibhile.

¹³⁵ Futhi ngizama njalo ukuhlala endaweni . . . Angikholwa ukuthi amaKristu abefanele acele okwedlula konke okukhona ezweni, umKristu ubefanele azithobe. Ngi—ngicabanga ukuthi, ngisho noma ubungakwazi ukukuthola, ngisacabanga ukuthi besifanele sibe yisibonelo. INkosi yami yayingenandawo ngisho yokucamelisa ikhanda laYo, izimpungushe zazinemigodi, nezinyoni zazinezidleke, kodwa Yayingenandawo yokucamelisa ikhanda laYo. Ifika ezweni, kwabolekwa umkhombe ukuba izalelwe kuwo, ifika ngesibeletho esibolekiwe, yaphumela ethuneni elibolekiwe, he, futhi uNkulunkulu waseZulwini. Futhi sifanele sikhombise intobeko ethile, nathi.

¹³⁶ Ngakho-ke, ngangena futhi kwakukhona incwadi enamakhasi angamashumi amabili nambili evela kumphathi othile wekolishi. O, uma engangihhalanga phezu kwamalahle! Wathi, “Mnu. Branham,” wayengeke angibize ngomfowethu, wathi, “Mnu. Branham, wona impela umqondo wakho umi phambi kwabantu abanengi njengoba wenza, bese kuthi-ke isayense yezenkolo ebole kangaka! Angikaze ngizwe ngayo empilweni yami.” Futhi wathi, “Ubuqhosha ngawe ushumayela iminyaka engamashumi amathathu nanye,” wathi, “mfo omncane, ngangishumayela ngaphambi kokuba uzalwe.”

¹³⁷ Futhi ngacabanga, “Awu, lokho ngukuthi... Impela ngiyayihlonipha indoda ekade ishumayela isikhathi eside kangako.” Ngakho-ke ngathi, “Awu, lokho kulungile.”

¹³⁸ Ngakho wathi, “Wona impela umqondo owushilo izolo ebusuku ukuthi—ukuthi incekuka kaNkulunkulu...” Wathi, “Ngishayeke amamayela ayishumi nanhlanu esiphephweni seqhwa esiphuphuthekisayo ukuzwa incekuka kaKristu, futhi ngitholeni na? Kodwa isangoma esiphucukile.” Awu...

¹³⁹ Wathi, “Futhi uthe udeveli wayengenakuphulukisa.” Wathi, “Indoda eyofundisa abantu abanengi njengoba ufundisa kubo, futhi ingazi lutho ngeBhayibheli kunalokho, futhi ingazi kunokuthi—kunokuthi udeveli angeke aphulukise!” Yathi, “Ngikunika ukuba uqonde, ukuthi ngihlala emphakathini lapha, lapho kukhona owesifazane onomoya wedlozi.” Yathi, “Bakhuphukela kulona wesifazane, ugqoke iphinifa elikhulu, uzizwa ebazungezile *kanje*, futhi baqathaza imali kuleliphinifa.”

¹⁴⁰ Yathi, “Bese-ke ekhipha izinwele ekhanda lakhe, bese ehluthula imithambo yabo, bese efaka igazi kulezizinwele, ahambe ehlele emfudlaneni omncane emva kwakhe, bese ekuphosa phakathi. Abantu umi phambi kwakhe, wenyuka *kanje*, futhi uma ephoqelekile ukuba abuke emuva,” ngani wathi, “khona-ke isifo sibuyela kubantu, uma singabuyeli usikhapha ngaye, ngegazi labantu, nezinwele zakhe uqobo, emfudlaneni.”

¹⁴¹ Futhi yathi, “Saligcina irekhodi lalokho,” yathi, “okungenani amaphesenti angamashumi amabili noma angamashumi amathathu alabobantu bayaphulukiswa. Futhi-ke uqonde ukungitshela, ukuthi awukholwa ukuthi udeveli angaphulukisa.”

¹⁴² Awu, nga—ngacabanga nje, “Umphathi wekolishi!” Awu, ngacabanga, “Leyo yincwadi enhle kakhulu, ngakho into yokuqala,” ngathi, “Ngifanele ngimphendule.” Futhi uma nake nafunda enye yezincwadi zami, ngi—yimi ngedwa, cishe, engingayifunda.

¹⁴³ Ngakho manje-ke, nga—ngahlala phansi futhi ngenza khona impela konke okusemandleni ami, ngase ngithi, “Mfowethu oligugu,” ngoba wavele wangibiza ngo *Branham* nje, futhi nga—ngathi, “Mfowethu oligugu...” Futhi ngangikukuqondile lokho,

indoda yayikade ishukumayela iminyaka engamashumi amahlanu, ifanelwe okuthile, manje, nakuba uma ine-phutha, ifanelwe okuthile.

¹⁴⁴ Ngathi, “Mfowethu oligugu,” ngathi, “into yokuqala engifuna ukuyisho, ukuthi ngiyakuthethelela ngalokho okushilo, futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uyakuxolela, naye. Khumbulani, abafarisi, ababekade beshukumayela isikhathi eside kakhulu kunawe, bebone leyonto efanayo yenziwa, futhi bathi kwakungamandla kadeveli, uBelzabule. NoJesu wathi, ‘Ukuthi ngenkathi kwenziwa nguMoya oNgcwele ngalolu izinsuku zokugcina, ukukhuluma izwi elilodwa elimelene nakho akusoke kwathethelelwa kulelizwe, noma izwe elizayo.’ Manje, isibonelo nje, uma-ke ngiqinisele na? Khona-ke iminyaka yakho engamashumi amahlanu yokushukumayela ayisho lutho. Ulahlele umphefumulo wakho esihogweni, kuze kube phakade. Ubungeke neze uthethelelwe ngakho.” Ngathi, “Ngiyazi, mfowethu, ukuthi ngokungazi wakwenza. Manje,” ngathi, “ungakuvumeli lokho kulimaze imizwa yakho.”

¹⁴⁵ Kodwa ngathi, “Khona-ke ubulokhu ungifuqa ngami, isayense yami yezenkolo, uthi udeveli ubengeke aphulukisa.” Ngathi, “Ngizokunika uJesu...” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ungeke wenze umBhalo uthole konke ukunqabelana, ufanele uWugcine ucacile futhi uqondile. Kunjalo. Ngathi, “UJesu wathi uSathane akakwazi ukuphulukisa, futhi wena wathi waphulukisa.”

¹⁴⁶ Manje, ngathi, “Manje, uma uzongixolela,” ngathi, “Ngi—ngizokunika ini, ngomthakathi wakho onaye komakhelwane bakho.” Ngathi, “Uma... Kusobala labobantu bayaphulukiswa, ngoba,” ngathi, “e-Afrika, ngibabonile beya ezithixweni futhi bathole ukuphulukiswa; eLa Salle, eLorraine banetshe lesikhumbuzo lapho lowesifazane othile ofile ebandleni eliKatolika, baya lapho futhi babuke lowo wesifazane ofile, basho u ‘Yethi Mariya,’ futhi bathole ukuphulukiswa. Impela, ngoba abantu bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu ngalokho, futhi uNkulunkulu uphulukisa phezu kwezisekelo zokukholwa, futhi noma yikuphi lapho ukukholwa kuhlangebezane khona noNkulunkulu uzofanele ahlangebezane nalesosidingo.” Kunjalo.

¹⁴⁷ Ngathi, “Kunabantu abaningi ezweni namhlanje, bazibiza ngabaphulukisi ngokukaNkulunkulu.” Bethi, ‘Nginamandla ezandleni zami. Udumo! Haleluya! Wu! Uyakuzwa lokho na?’” Futhi abantu baseMelika bayakukholwa, sengathi angazi ukuthi ini, njengamakhekhe ashisayo esinxibini. Futhi ba—futhi ba—bacabanga ukuthi lokho kulungile, bayaphulukiswa ngoba ba... Lokho akusikho. Ukukholwa kwakho kusemsebenzini osuqediwe kaJesu Kristu, yilapho ukuphulukisa kulele khona.

¹⁴⁸ Ungalokothi uvumele noma ubani akutshela ukuthi

banamandla okuphulukisa, abanawo. UJesu Kristu wayesevele esikhokhile isikweletu, ungasihlenga kanjani futhi na? Ukunikeza irisidi ecacile evela esitolo esibambisa ngempahla, obukuso. Uhlengwe ngeGazi likaJesu eliligugu.

¹⁴⁹ Awunawo amandla okuphulukisa, into oyenzayo ngukuba ne, ungahle ube nesiphiwo sokubonakalisa uNkulunkulu, ungahle ube nesiphiwo sokuMbonakalisa ngomshumayeli omkhulu, njengabanye balaba bazalwane bami, obengama lapha kangcono futhi enze lomsebenzi kunoma bengingenza, ngoba lolo wubizo lwabo, ubizo lwami lungenye into. Kodwa ngamunye wethu unesiphiwo sokuzama ukukutshela ukuthi uKristu wakuphulukisa ngenkathi Efela wena. *Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu, ngemvimbo yaKhe naphulukiswa. Kuyinto ethize yokukwenza wazi, uma ungenakulikholwa iZwi, khona-ke Uthumela izibonakaliso nezimanga, nokufakazisa ukuthi UnguKristu ovukileyo. Niyabo? Ngakho-ke yilapho othola khona ukuphulukiswa kwakho, ngokukholwa kuYe.*

¹⁵⁰ Manje, ngakho-ke, ngathi, “Kodwa into, engikhathazeke ngayo, Mnumzane, akusikho lokho, kodwa ukuthi umphathi weKolishi lamaLuthela uyobeka imfundiso yakhe phezu kwedlingozi, noma, esehlakalweni, esikhundleni sokuyibeka phezu kweZwi likaNkulunkulu.” Ya. O, ungaba nanoma yiluphi uhlobo lwedlingozi, kodwa kufanele kube yiZwi likaNkulunkulu. Kunjalo. Ngathi, “Isikhulu sekholoji, kade sishumayela iminyaka engamashumi amahlanu, futhi uyosekela imfundiso yakho,” lokho kwayisika kanzima impela, “usekela imfundiso yakho phezu kwe, phezu kohlobo oluthile lwesehlakalo owesifazane ayenalo, esikhundleni sokukwesekela phezu kweZwi likaNkulunkulu! UNkulunkulu wathi uSathana angephulukise, nalokho kuyakuxazulula. Lapho Ekhuluma, kuqinisile Phakade.”

¹⁵¹ Kungekudala emva kwalokho, ngathola isimemo sokuba ngize endaweni yakhe, uMnu. Moore wahamba nami, ngoba ngangazi ukuthi leyondoda yayihlakaniphile. Futhi ngakho yena, emva kokuba sibe nedina phandle lapho kulelo elikhulu, ikolishi elidumile, futhi babenama-eka angamakhulu ommbila, lapho abafundi babengasebenzela khona indlela yabo, ngalolosuku emva kwedina yaphushela ipuleti layo emuva, umphathi wekolishi wathi kimi, wathi, “Mnu. Branham, siza lapha ukuzokubuza eminye imibuzo.”

Ngathi, “Ngingahle ngingakwazi ukuyiphendula, mnumzane.” Ngathi, “Angisuye usiyazi wezenkolo, ngingumfowenu nje okhulekela abagulayo.”

Futhi wathi, “Aww . . .” washo.

¹⁵² Futhi uMnu. Moore, ongunyazi wezenkolo ohleli eduze kwami, futhi wathi, “Uma edlanga kakhulu kuwe, ngithinte nje edolweni,” ngakho, ngedolo lami.

153 Ngakho ngangihlezi lapho, wayesethi, “Mnu. Branham, ngiyabona ukuthi wena, ngilandelela impilo yakho emuva, ungumBaptisti.”

Ngathi, “Nganginguye.”

Futhi wathi, “Kwenzekeni na? Kungani—kungani ushiye ibandla leBaptisti na?”

Ngathi, “Angizange ngilishiye, ilona elangishiya.” Niyabo? Ngathi, “Langishiya, ngenkathi liphika uMlayezo engangi wushumayela weBhayibheli.”

154 Wayesethi, “Awu, Mnu. Branham, kunento eyodwa engithanda ukukubuza yona,” wathi, “yilokhu,” wathi, “manje, uma wenze lokho, ngingathanda ukusho into eyodwa: Yini eyakwenza uhambisane namaPentecostal na?”

Ngathi, “Ayalikholwa iZwi.”

Wathi, “Anani na?” Wathi, “Kade ngikhona futhi ngiyabona ekhahlela amatafula futhi eshaya izihlalo.”

Ngase ngithi, “O, impela. Kunjalo.”

“Shaya iwindi, noma into ethize efana naleyo.”

Ngathi, “Impela.”

Wathi, “Kuyini na?”

Ngathi, “UMoya oNgcwele.”

Futhi wathi, “UMoya oNgcwele na?”

Ngathi, “Impela, uma engeke alenze isondo lingingqike kahle, afanele akushaye ngempempe kuphume ndawondawo, anenqwaba yomfutho,” ngasho.

155 Futhi lelo yiqiniso. Uma lelibandla lePentecostal belingathatha inqwaba yezindumiso zalo futhi likusebenzise, kuyokwenzela uMbuso kaNkulunkulu okuthize. UNkulunkulu ukunika uMoya oNgcwele, uyathanda ukumemeza ngaWo, nokudumisa ngaWo, kodwa nje faka lokho eziphiweni nezimanga, futhi uphumele esitaladini futhi uthole izoni ukuba zingene, nezinto enjalo, ibandla lakho lizokhula, futhi yonke into izohambisana kahle. Ungakufuthi ukukhiphe ngempempe, kufake emnyakazweni futhi uvumele, wenze isondo lingingqike, isitimela seVangeli.

156 Futhi wathi, “Awu, ucabanga ukuthi thina maLuthela sinani na? Ucabanga ukuthi...? Siyakholwa ukuthi semukela uMoya oNgcwele ngenkathi sikholwa.”

157 Ngathi, “UPawulu ubengahluka kini eZenzweni 19, wathi, ‘Nimamukele yini uMoya oNgcwele *lokhu* nakholwayo.’ Akazange athi, ‘Manje, thatha lokho ngesiGrecki, isiHeberu, noma ngabe yini oyifisayo.’ Kungukuthi, ‘*lokhu* wakholwa.’”

158 Manje, bayakholwa... Ibandla lethu leBaptisti lafundisa wena ukuthi wemukele uMoya oNgcwele lapho ukholwa,

kodwa akulungile. UPawulu wathi, “Nina, nimamukele uMoya oNgwele *lokhu* nakholwayo.” Nalabobantu babememeza, ngani, u-Akwila noPrisila, babenemihlangano emikhulu, futhi yonke into yayiqhubeka, kodwa wathi, “Namamukela yini uMoya oNgwele *lokhu* nakholwayo na?”

Bathi, “Asazi noma kukhona uMoya oNgwele.”

¹⁵⁹ Lapho uPawulu esephinde wababhaphathiza, futhi wabeka izandla phezu kwabo, noMoya oNgwele ufika phezu kwabo, bakhuluma ngezilimi futhi baprofetha, khona-ke basebenoMoya oNgwele.

¹⁶⁰ Ngakho wathi, “Ucabanga ukuthi thina, maLuthela, sinani na?”

¹⁶¹ Ngathi, “Sekungashiwo, ngicabanga ukuthi niqinisile.” Wathi. . . Ngathi, “Ake ngikunike umfanekiso omncane, ngoba angazi nje kahle hle.” Ngathi, “Manje, wenzani lapha na? Uyaphuma futhi ulima insimu yakho entwasahlobo, uhhala zonke izinhlanga kuyo, utshala ummbila wakho. Ngokusa okulandelayo uyaphuma futhi into yokuqala uyazi, wena uthi. . . Kukhona amahlumela amancane amabili avela emmbileni, amacembe amabili amancane. Manje, ake sithi ubuka phandle bese ubona lawomahlumela amancane eza, wena uthi, ‘Ayibongwe iNkosi! Nginesivuno sommbila.’” Ngathi, “Ngabe unaso isivuno sommbila na?”

Wathi, “Awu, angazi ukuthi ukhuluma ngani.”

¹⁶² Ngathi, “Sekungashiwo, unesivuno sommbila,” ngathi, “lokho kwakuyini maLuthela, inguquko yokuqala. Kwase kuthi-ke into yokuqala uyazi, lolohlanga lwakhula, lamacembe aba makhulu, futhi into yokuqala uyazi, kwangena entshakazeni, lowo kwakunguJohn Wesley enguqukweni yesibili, ukungweliswa, umsebenzi wesibili oqinisekile womusa. Khona-ke kwenzani na?”

¹⁶³ Ngathi, “Intshakaza yabuka emuva phansi ohlangeni, nasecembeni, yase ithi, ‘Anginidingi, singwelisiwe, ningamaLuthela nje.’” Futhi ngathi, “Emva kwesikhashana impova yaphuma, futhi yawela phansi eqabungeni lommbila, futhi kwaphuma, futhi kwaba nesikhwebu, uhlamvu lommbila kuso,” ngathi, “lokho kwakungamaPentecostal.”

¹⁶⁴ Ngathi, “Khona-ke iPentecost yabheka phezulu, yase ithi, ‘Angidingi namunye wenu.’” Kodwa ngathi, “Empeleni, ukuphila okufanayo okwakusemacembeni amancane amabili kwenza intshakaza, kanti futhi kwenza uhlamvu.” Kunjalo. Ngathi, “Thina. . .”

¹⁶⁵ Niyabo, iPentecost ingukubuyiselwa, iPentecost inoMoya oNgwele, kodwa ukubuyiselwa kwezephiwo. Uhlamvu olufanayo, uJesu ofanayo owangena emhlabathini uphinda uyaziveza Yena uqobo, ukhuphuka ngohlanga, futhi manje

ephinda Eziveza ekugcwaleni ezinhlamvini zasekuqaleni, njengezaya phansi.” Amen.

Wathi, “Ungasibiza ngokuthini na?”

¹⁶⁶ Ngathi, “Ibandla lePentecostal liyibandla lamaLuthela elithuthukile.” Kunjalo. Kunjalo impela. YiLuthela elithuthukile, neNazarene, nePilgrim Holiness, nakho konke, yiBandla elithuthukile nje. Ngathi, “Ngizovuma ukuthi sinenqwaba yesikhunta esikhwebini, kodwa sinezinhlamvu lapho, futhi, akadunyiswe uNkulunkulu. Ngo—ngolwasekuqaleni.”

¹⁶⁷ UNkulunkulu useZwini laKhe, neZwi liyiMbewu, akunandaba ukuthi kwenzekani Lizomila, noma kanjani. UNkulunkulu wathi Liyoba lapho lingenabala noma umbimbi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe na? UNkulunkulu uthatha iZwi laKhe, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe seZwi laKhe. Akwenzayo, Uyakwenza. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Amen? UNkulunkulu useZwini laKhe. Uyakholwa lokho na?

¹⁶⁸ Manje “UNkulunkulu ENdodaneni YaKhe,” nginakho kubhalwe phansi lapha, “UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe.” Kulungile. Ngabe uNkulunkulu useNdodaneni yaKhe na? IBhayibheli lathi Wayekuyo, “UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe uqobo.”

¹⁶⁹ Manje, uma wena Oneness, Twoness, Threeness, Fourness, futhi noma ngabe uyini, uzofaka lokhu nje emqondweni wakho khona manje, u—ubuyoxhawula, futhi uthi, “Singabazalwane.” Bukani, uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo. UJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wasibekela uMariya, wadala esibeledweni iNgqamuzana leGazi.

¹⁷⁰ Manje, nizwile abantu bethi, “Sasindiswa ngegazi lamaJuda.”

Besingeke sisindiswe ngegazi lamaJuda, linesono nje njenganoma yiliphi elinye igazi.

“Sasindiswa ngegazi loweZizwe na?”

¹⁷¹ Qhabo, mnumzane, asizange sisindiswe ngisho nangegazi lomuntu, sasindiswa ngeGazi likaNkulunkulu, iGazi likaNkulunkulu. I—imbewana yokuphila ivela engqamuzaneni legazi, neNgqamuzana leGazi lapha lavela kuNkulunkulu uMdali, Owadala iNgqamuzana leGazi elaveza iNdodana kaNkulunkulu.

¹⁷² Ngenkathi umkhonzi omdala ethatha iwundlu, waya e-altare ukuyokhonza, walibeka phezu kwalapho, wabeka izandla zakhe phezu kwalo, futhi wavuma izono zakhe, banquma umphimbo walo, bephula ingqamuzana legazi, iwundlu lafa.

Manje, wahamba ngqo nesimo esifanayo ayenaso ngenkathi engena. Izono zakhe zathethelelwa, kodwa lokho ahamba, nesifiso esifanayo, uma wayebile, wadubula, waphinga, noma ngabe kwakuyini, wabuyela emuva nesifiso esifanayo. Kodwa uma umuntu eke wabeka izandla zakhe phezu kwekhanda leNdodana kaNkulunkulu!

¹⁷³ Akahambanga—akahambanga ngani njengoba ubeyokwenza uma ebeke izandla zakhe phezu kweNdodana kaNkulunkulu na? Ingqamuzana legazi elivela kulelowundlu lalinokuphila kwesilwane kulo, nalokho kuphila kwesilwane ngeke kuhambisane nempilo yomuntu, ngakho-ke ngenkathi ukuphila sekubuya, kwakungukuphila kwesilwane empilweni yomuntu, futhi kwakungeke kumenzele lutho. Kodwa ngenkathi iNgqamuzana leGazi likaNkulunkulu lephulwa, uMoya kaNkulunkulu uhlala kuleloNgqamuzana, ubuyela emuva esimweni sikaMoya oNgcwele, ukuthi umuntu ukhululekile esonweni, wona impela unembeza wesono ulahliwe. Amen. Ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke.

¹⁷⁴ “Umkhonzi esehlanjululwe kanye akasenaso isifiso sesono.” IBhayibheli lithi *ukuzwa*, okusho ngempela “isifiso.” Umkhonzi eke wabeka izandla zakhe phezu kwekhanda likaJesu Kristu ngokukholwa, futhi uzwe leyonyama evezelayo, njengoba indoda yenza ewundlwini, lifa, likhala, eLingenacala, nangayo yonke inhliziyayo yakho, ukholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yafa endaweni yakho, futhi lapho wenza lokho kuvuma uMoya oNgcwele, kuleloNgqamuzana leGazi elikungcwelisile, lingena empilweni yakho, futhi uyisidalwa esisha kuKristu Jesu, ukuPhila kukaNkulunkulu kukuwe, futhi Ukuthathe wakwenza umntwana, futhi uyiNdodana kaNkulunkulu. Amen. Ungesabi, *amen* kusho ukuthi “makube njalo,” lokho ngeke kukulimaze.

¹⁷⁵ Qaphelani, iNdodana kaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu, ukuMuntu, ngakho uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo. UNkulunkulu unguMoya, Wayengenazandla waze Waba nguJesu, Wayengenazinyawo, izingalo, imilenze, kanjalonjalo, Waze waba nguJesu, Wabonakalisa. “Akakho oke wabona uBaba noma ngasiphi isikhathi, kodwa oZelwe Yedwa uMbonakalisile.” Yena, uNkulunkulu, wahlala emzimbeni kaKristu.

¹⁷⁶ Bekufanele kushaqise, Bekufanele kwenze umuntu amangale. Wayengehla evela eZulwini, ehla ngqo emihubheni yaseZulwini, nokubingelela kweNgelosi okugcwele ukuba Wayefuna, Wayengazalwa eyindoda ekhule ngokugcwele, Wayengehla nabo bonke ubukhazikhazi nenkazimulo yaseZulwini, kodwa Akakukhethanga lokho, Ufika esitebeleni, wazalwa phezu kwe—kwenqwaba yomquba. NoJehova omncane ekhala emkhombeni, uJehova omncane edlala njengomfana, uJehova omncane ekhandleka njengomuntu. Wa—Wanqamula isigaba saKhe nathi, uNkulunkulu uba ngumuntu.

177 Ngenkathi uJesu Kristu ezalwa, uNkulunkulu wayengumuntu emhlabeni, ebonakalisa uNkulunkulu, lokho Ayeyikho, Wakhandleka futhi washikashiweka, futhi wazwelana nenjane, We—Wedlula kuzo zonke izilingo esedlula kuzo. UNkulunkulu wakwenza, ukuze Enze ubulungiswa bokwahlulela kwaKhe uQobo. Yena, ukwahlulela kwaKhe, kuzofanele kubekhona ubulungiswa. Uma bungekho ubulungiswa, kusiza ngani ukuba nokwahlulela na? Futhi uma kungekho ukwahlulelwa ngaphandle kwenhlawulo, khona-ke akusikho ukwahlulelwa, okwamanje.

178 Ngakho, wathatha inhlawulo yokwahlulela kwaKhe uQobo, futhi wafa njengesoni, ukulahla isono sezwe, ukuze thina, ngobulungiswa baKhe, sibe nokubuyisana sibuyele esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu enhlanganyelweni, njengoba senza ensimini yase-Edene. Lelo akusilo iVangeli, angilazi. Kunjalo impela. INdodana kaNkulunkulu eyigugu. Impela, uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe.

179 Ngingabizi noma yiziphi izinkolo ezehlukene, angimele nayinye yazo, ngimele zonke. Lapha esikhathini esithile esedlule, ngangiseHholo elikhulu iRobinson eLittle Rock. Kwakukhona indoda endala eyayihamba ngezinduku zokuqhugela, yayikade ibizelwe ngaphandle, yathengisa amapensela ekhoneni iminyaka, yayingumNazarene. Ngosuku olulandelayo, yayehla ngesitaladi iphethe lezi zinduku zokuqhugela ezindala, ithi, “Bobhuti bami abadala, sengiqedile ngazo,” efakaza.

Ngalobo busuku, ngangi, ngangena epulpiti ukuba ngishumayele, futhi yathi, “Umzuzu nje, Mnu. Branham!”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

180 Yayiphezulu kuvulandi osesitezi, futhi yathi, “Uyazi, ngenkathi ngikuzwa ushumayela, bengiqinisekile ukuthi ubuyiNazarene,” futhi yathi, “ngoba ushumayela ubungwele,” yayisithi, “khona-ke ngizwa omunye engitshela ukuthi wawuyiBaptisti, cishe bonke lababantu bangamaPentecostal,” Yathi, “Angikuqondi lokho.”

Ngathi, “O, baba, lokho kulula,” ngathi, “NgiyiPentecostal, Nazarene, Baptisti.”

Yilokho—yilokho-ke. Singabamele uJesu Kristu, yileyonto, hhayi ihlelo lakho, uNkulunkulu wakho.

181 Manje, lona wesifazane wayengowebandla leChristian Science, inenekazi elihle kakhulu, futhi lathi, kusobala, abakholelwa ku, uJesu engonobuNkulunkulu, lathi, “Mnu. Branham, ngiyakujabulela ukufundisa kwakho, kodwa,” lathi, “into kuphela eyenza igazi lami livezele nguwe uzama ukwenza uJesu abe ngonobuNkulunkulu.” Lathi, “Uqhosha kakhulu ngaye.”

Ngathi, “Angikwazi ukuqhosha ngokwenele ngaYe.”

Lathi, “Awu, uhlala uqhosha ngaye, uqhosha ngaye.”

Ngathi, “U . . . Mina, ukuba benginezilimi eziyizinkulungwane eziyishumi, bengegeke ngiqhoshe ngaYe ngokwenele,” ngathi, “Angenzele khona.”

Lathi, “Kodwa umenza abe ngonobuNkulunkulu.”

Ngathi, “WayengonobuNkulunkulu. Uma Wayengesuye onobuNkulunkulu, izwe lonke lilahlekile.” Kunjalo impela.

Lathi, “Uma ngi . . . Uthe, wawungoqavile, wavele wahlala neBhayibheli nje.”

Ngathi, “Kunjalo.”

Lathi, “Uma ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli ukuthi wayengesuye onobuNkulunkulu, uzokwemukela na?”

Ngathi, “Uma iBhayibheli lathi Wayengesuye, ngizokwemukela.” Ngathi, “Kodwa iBhayibheli alikusho.”

Lathi, “O, yebo liyasho, futhi!”

Ngathi, “Kukuphi na?”

¹⁸² Lathi, “Kulungile, futhi kungokokuQala . . . kuJohane oNgwele isahluko 11, ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi wakhala izinyembezi.” Lathi, “Mnu. Branham, wayengeke akhale izinyembezi futhi abe ngonobuNkulunkulu.”

¹⁸³ “Ngani,” ngathi, “nenekazi, impikiswano yakho izace kakhulu kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu eyabulawa yindlala.” Ngathi, “Awu, wena . . . Awu, lowo akusiwo umBhalo.” Ngathi, “Buka lapha, Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu.” Ngathi, “Wayengumuntu, ngenkathi Ekhala izinyembezi, ethuneni likaLazaru, kodwa ngenkathi Ephakamisa amahlombe aKhe amancane, wayesethi, ‘Lazaru, phuma,’ futhi umuntu wayesenezinsuku ezine efile, wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila, lokho kwathatha ngaphezu komuntu, lokho kwathatha uNkulunkulu ukwenza lokho. uNkulunkulu wayekuKristu.”

¹⁸⁴ Wayengumuntu eza esuka egqumeni ngalobobusuku, elambile, ebuka phansi lapho, noma ngalokho kusa, njalo, ebheka ukudla kulesosihlahla somkhiwane futhi akangakuthola, wayengumuntu ngenkathi Elambile, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu ephila kumuntu. Impela kwakunjalo.

¹⁸⁵ Wayengumuntu ngenkathi Ekhathele, elele kulesosikebhe esidadlana phandle lapho ngalobobusuku, amandla ayephumile kuYe ngemibono nezinto usuku lonke. Nodeveli wafunga ngalobobusuku, mhlawumbe izinkulungwane

eziyishumi zabo bolwandle ukuthi babeyoMminzisa, futhi nango Wayekulowomkhumbi omdadlana phandle lapho, ushukunyiswa njengesivalo sebhodlela esiphaphweni olwandle olunamandla. Lapho Wayentanta kanjalo, futhi Yena elele kwingemuva lomkhumbi, amagagasi awazange ngisho aMvuse, elele, ngakho Wayekhathele futhi ekhandlekile.

¹⁸⁶ Wayengumuntu ngenkathi Elele, kodwa lapho eke wavuka, haleluya, o, wabeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe, wayesethi, ‘Thula,’ nemimoya yaya emaphethelweni ayo njengengane kweyayo... Imimoya namagagasi kwaMlalela, lokho kwathatha okungaphezu komuntu ukwenza lokho, lokho kwathatha uNkulunkulu. Lokho kwathatha ugqozi, lokho kwathatha amandla obuNkulunkulu ukwenza lokho. UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe. Niyakukholwa lokho na?

¹⁸⁷ Ngenkathi Esefile esiphambanweni, Wakhalela umusa, Wayengumuntu, Wayekhalela umusa esiphambanweni, kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi Evuka futhi ephula izimpawu zokufa nesihogo, futhi wavuka futhi waphuma ethuneni, Wayengaphezu komuntu. Kuthatha okungaphezu komuntu ukuvuka ethuneni, kuthatha uNkulunkulu ukwenza lokho.

Akumangalisi imbongi yathi:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude
le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngolunye usuku Uyeza—o usuku
olukhazimulayo!

¹⁸⁸ Yebo, mnumzane. “KuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe uqobo.”

¹⁸⁹ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe na? Manje into elandelayo enginayo lapha ngu “Nkulunkulu EkuBantu BaKhe.”

¹⁹⁰ Manje sizobona ukuthi singaMletha yini kubantu baKhe. UNkulunkulu unguMoya, futhi Ubehlala njalo esebenzisa umuntu ukuzibonakalisa Yena uqobo emhlabeni, Wakwenza eNdodaneni yaKhe.

¹⁹¹ Wayenguye, uNkulunkulu wayekuDavide. Benikwazi lokho na? UNkulunkulu wayekubantu baKhe. UDavide, ngenkathi enqatshwa inkosi, wenyukela esiqongweni segquma, wabheka emuva, ekhala izinyembezi njengenkosi enqatshiweyo. Eminyakeni engamakhulu amahlanu kamuva, indodana kaDavide yahlala egqumeni elifanayo njengeNkosi enqatshiweyo, futhi yalikhalela iJerusalema. Kunjalo na?

¹⁹² UJosefa wayenoKristu kuye, ngenkathi ezalwa engumfowabo wokomoya. Abanye abafowabo babemzonda, bhekisisani lelobandla namhlanje, abanye abafowabo bamzonda ngaphandle kwesizathu. Wayethandwa nguyise, ezondwa ngabafowabo. Manje, bamzonda ngaphandle kwesizathu, akakwazanga ukuzibamba ngoba wazalelwa ukubona imibono nokuhumusha amaphupho, kodwa bamzonda, bayakwenza namhlanje, into efanayo.

¹⁹³ Udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe; uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze uMoya waKhe. UMoya owawuphezu kuka-Eliya wenyukela phezu kuka-Elisha, futhi kusukela ku-Elisha kuya kuJohane umBhaphathizi, futhi wabikezela ukuthi uzofika futhi ngezinsuku zokugcina. Niyabo? UNkulunkulu wakhapha uMoya eNdodaneni yaKhe, waWuthumela emuva eBandleni.

¹⁹⁴ UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa neze uMoya waKhe; udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe. Leyomimoya emibili iye yalwa yodwa enyameni yomuntu kusukela ekuqaleni kwesikhathi, kunjalo, futhi iyolwa kuze kube sekupheleni. Uma nje utadisha imiBhalo futhi ubhekisise indlela okusebenza ngayo, angeke ulahleke, uma uzoMemukela njengoMsindisi wakho, nanjengoMholi wakho ukuba akuhole emiBhalweni ngaphansi... ngenkathi sisantweza phezu kwesikhulu esinesizotha sokuphila exolweni lakho elincane. Mvumele angene nawe futhi ashayele umkhumbi wakho.

¹⁹⁵ Manje, sithola uNkulunkulu wayekuMose, uNkulunkulu wayeku-Eliya. Kwakukhona u-Eliya, indoda ilele emuva phandle e—emgedeni phandle lapho. Owesifazane waseShunemi ayembusisile, futhi waba nengane, nengane yafa, no-Eliya uyafika enkundleni. U-Eliya wayeyindoda kaNkulunkulu. Ngenkathi engena ingane yayilele embhedeni wayo.

¹⁹⁶ Kuqala, u-Eliya wayazi ukuthi wayeyindoda kaNkulunkulu, akazange aqhoshe ngakho, futhi athi lungu ngakho, kodwa wayazi ukuthi wayeyindoda kaNkulunkulu. Ngakho, wayehambe ngalenduku endala, futhi wathi, watshela uGehazi, “Thatha leyonduku uhambe uyibeke phezu kwengane.” Wayazi ukuthi yonke into ayeyithinta yayibusisiwe, ngoba uNkulunkulu wayekuye. Uma engathola owesifazane ukuba akholwe into efanayo!

¹⁹⁷ Yileyondlela owesifazane athinta ngayo umphetho we, wengubo kaJesu, ngoba wayazi ukuthi WayeyiNdoda emesabayo uNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayehlala kubantu baKhe. Futhi wayazi uma uNkulunkulu wayeku-Eliya, impela WayekuJesu. Wayazi ukuthi... .

¹⁹⁸ Uma thina bantu bePentecostal besingahloniphana kanjalo, sazi ukuthi asisoze sakhuluma ngomunye nomunye, besiyoba

ngabazalwane, besiyoba ngodade, bekungebebikho neze ihlazo phakathi kwethu, uma besingaqondana omunye nomunye ukuthi siyini: amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. NoNkulunkulu uhlala eBandleni laKhe, kubantu baKhe. Impela, kunjalo. UNkulunkulu ukubantu baKhe. Uyakukholwa lokho na?

¹⁹⁹ Bukani lomprofethi, owesifazane wayengakholelwa odondolweni. Ngicabanga ukuthi yilapho uPawulu athola khona amaduku asuswa emzimbeni wakhe, ngoba ngikholwa ukuthi uPawulu wayengeke ashumayeke lutho ngaphandle kwalokho okwakuseZwini, ngakho wathumela amaduku kubantu. UNkulunkulu wayekuPawulu, nabantu babethathe amaduku emzimbeni kaPawulu, bawabeka emzimbeni wabo, namademoni aphuma kubo, nezifo saphulukiswa. UNkulunkulu wayekumuntu. Uyakukholwa lokho na? UPawulu.

²⁰⁰ UNkulunkulu wayeku-Eliya, wabizelwa enkundleni yengane efile. Wayengazi ukuthi enzeni, ingane yayifile, ngakho wavele wahamba waya emuva naphambili, ehla enyuka kwiphansi lendlu. O, ngiyakuthanda lokho! Elindele uMoya oNgcwele ukuba uze, ehamba eya le nale ekamelweni. Futhi emva kwesikhashana, uqala ukuzwa uMoya uza phezu kwakhe. Ngikholwa ukuthi wacosha kancanyana, niyazi, ehamba ngejubane kancane. O, wezwa uMoya, walala phezu kwengane, nengane yathimula kasikhombisa futhi yaphila. “UNkulunkulu EkuBantu BaKhe.”

²⁰¹ Yini eyayingabuyisa ukuphila ekufeni, ngaphandle kukaNkulunkulu! Amen. Whewu! Ngizizwa ngikholwa ngempela khona manje. O, he, ucabanga ukuthi iBaptisti ayimemezi na? Impela ngiyakwenza. O, “UNkulunkulu EkuBantu BaKhe.”

²⁰² Kwakukhona umdobi omdala, wayengena... Namhlanje sibhekisisa isihlakaniphi, umfo omkhulu owedlule ekholiji futhi wazi zonke iziqu, futhi wathola iD.D.D., nePh.D., nazo zonke izinhlobo zoD.D. Futhi ngakho-ke, into yokuqala niyazi, ukhuphukela lapho, niyazi, futhi wazi konke ngakho, siyacabanga, “Yilowomfo!” Kodwa uNkulunkulu wathola umdobi omdadlana, ngesinye isikhathi, ngaphansi kokulawula kwaKhe, wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, engakwazi ukubhala nokufunda, engafundile, nabantu babone uNkulunkulu esebenza kulowomuntu, baze empeleni balala ethunzini lalowomdobi futhi waphulukiswa, bonke isithunzi saKhe sedlula ngaphezulu.

²⁰³ UNkulunkulu ukubantu baKhe. Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu useZwini laKhe. Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe. Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu ukubantu baKhe. Uyakukholwa lokho na?

²⁰⁴ Bukani, izolo ebusuku, ngenkathi sikhuluma ngokuthi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza,” sathatha imisebenzi Ayenzayo, futhi sakhombisa ukuthi kwakuyini, Wethembisa ukuthi Uyoba lapha.

Wena uthi, “Kodwa uNkulunkulu waphila komunye unyaka.”

²⁰⁵ UNkulunkulu uphila kuze kube phakade, uNkulunkulu uPhakade, uNkulunkulu angefe. UNkulunkulu... Babulala uMzimba, uJesu, kodwa uNkulunkulu wawuvusa futhi, futhi Uyaphila kuze kube phakade, uMoya waKhe uhlala eBandleni namhlanje. UMoya waKhe ulapha manje, uMoya waKhe uphakathi kwabantu baKhe. Uzifakazisa Yena uqobo, hhayi ngomunye... Wayengazifakazisa Yena uqobo ephila ngalokhu, Wayengazifakazisa Yena uqobo ephila ngokushona kwelanga, Wayengazifakazisa Yena uqobo ukuthi uyaphila ngeZwi laKhe, Ubengazifakazisa Yena uqobo ukuthi uyaphila ngoMoya waKhe osesakhiweni manje, ngabesilisa nabesifazane abazozinikela kuYe. Amen.

Zinikele kuYe, uthi, “Kwenzekani, Mfowethu Branham, lapho ubona leyomibono na?”

²⁰⁶ Akulutho ezweni, kodwa nje ukuba nesiphiwo ukwazi ukuthi ngingaziphumusa kanjani, ngisuse u*William Branham* eceleni. Leso yisitha esikhulu kunazo zonke enginaso ngu*William Branham*, uhlala njalo esendleleni yami, uhlala njalo esendleleni kaNkulunkulu, ngizosho njalo. Yena, njalo ungena endleleni kaNkulunkulu, Ukhathele kakhulu, akafuni ukwenza *lokhu*, akafuni ukwenza *lokho*. Uma nje ngingambethela lowomfo, uNkulunkulu angawusebenzisa, uNkulunkulu angawusebenzisa lomzimba.

²⁰⁷ Nansi lemikrofoni, iyisimungulu ngize ngikhulume kuyo, noma omunye umuntu akhulume kuyo, kodwa ayikwazi ukuzikhulumela. Umuntu ubengawubona kanjani umbono na? Umuntu ubengamphulukisa kanjani umuntu ogulayo na? Ukubekwa kwezandla bekungayiletha kanjani ingane efile, noma okunye nokunye na? Kungake kukwenze kanjani na? Akusuye umuntu, nguNkulunkulu kulowomuntu, ngokufanayo nje njengoNkulunkulu ekushoneni kwelanga. UNkulunkulu ukuyo yonke indawo.

²⁰⁸ Sifuna ukuzalwa ngoMoya waKhe, futhi siMazise, siMqaphela. Usondele kakhulu kuwe, Akasondele kuwe kuphela, nina bantu abazelwe ngokusha, Usevele ukuwe, ezama ukwenza intando yaKhe...

²⁰⁹ Nodeveli emi lapho ethi, “Ungakukholwa, ungakukholwa, ungakukholwa, *lokhu*, *lokho*. Akusikho okwakho, akusikho, okulunye usuku.”

O, uthi, “Buyela emva kwami, Sathane. Kulotshiwe, ‘Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.’”

210 Yilokho uJesu akwehlulela uSathane, Akazange asebenzise amandla aKhe, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, kodwa Akawasebenzisanga amandla aKhe. Zonke iziphiwo ezazikhona eZulwini, Wayenazo kuYe, kodwa Akakusebenzisanga lokho, Wavele nje wathatha iZwi likaBaba, Wathi, “Kulotshiwe, wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho. Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe!” Futhi Wamehlula uSathane. NeZwi likaNkulunkulu lizomehlula uSathane nomaphi kunoma yimiphi imihlabathi ngaphansi kwanoma yiziphi izimo, iZwi eliNgcwele likaNkulunkulu.

211 UNkulunkulu uhlala emhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu wayehlala eZwini laKhe, uNkulunkulu uhlala eNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu uhlala kubantu baKhe, UnguNkulunkulu yonke indawo. Uma nje uMvumela angene manje, uzobona uNkulunkulu ephila futhi kulentambama phakathi kwethu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

212 “Ngokuba iZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kakhulu, kunanoma yiyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lize lahlukhanise, nomnkantsha wethambo, uMahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo,” iZwi likaNkulunkulu lingena esidalweni esingumuntu futhi lehlulela umcabango. UJesu wawubona umcabango wabo. Uma lokho kunjalo, thanini, “Amen.” Wayeyini na? “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama.” Futhi Wathi, “NiyaNgilahla ngoba Ngizibiza ngeNdodana kaNkulunkulu, futhi kulotshiwe emithethweni yenu ukuthi ningonkulunkulu.”

213 Umuntu wenziwa ukuba abe ngunkulunkulu, ukubusa kwakhe ngumhlaba. Umhlaba wonke ulindele manje ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu ukuba abonakaliswe. Bukani ukuthi sisemuva kude kangakanani. Kodwa khumbulani, abaprofethi, Wathi, “Uma nibabiza ngonkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu elafika kubo . . .”

214 Wayeyini umprofethi na? Umhumushi ngokukaNkulunkulu weZwi, wayenokuhumusha ngokukaNkulunkulu. Izibonakaliso zaKhe esho ngaphambili futhi azi ngaphambili, lokho kwakungukuqinisekisa kubantu ukuthi wayengumProfethi.

215 Yilokho iJuda elikushoyo, “AsiMbone ethatha leliBhayibheli, Kuthi, ‘Ukuthi uJesu wayenguKristu futhi wafa wabuye wavuka, izinto engizenzile Mina nani nizozenza.’ AsiMbone enza isibonakaliso somprofethi, sizokholwa ukuthi lowo nguMoya.”

216 Lowo kwakunguMesiya, futhi Usebenza kumuntu waKhe futhi, ngumprofethi waKhe. Niyabo? Yena esebenza kulokho. Kungenziwa kanjani na? NgoNkulunkulu kuphela. UNkulunkulu nguYe kuphela ongenza lokho.

217 Uyafuna ukukhunjulwa emkhulekweni na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, manje ngifuna ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yami eNkosini uJesu. Ngiyazi ukuthi ngiyisidalwa esi—esiqonde ePhakadeni.”

218 Kwake kwabakhona isikhathi lapho wawungelutho, ungekho ndawo, kodwa asisoze sabakhona isikhathi ngaphandle kokuthi wena uyoba yinto ethize noma ndawondawo. Uma uyisoni, yenza isinqumo sakho kulentambama. UKristu ulapha ukukusiza, ukukusindisa. Ubunga...? Angikho kakhulu ekuncengeni abantu e-altare. Ngicabanga ukuthi uma iZwi likaNkulunkulu lingakwenzi... UJesu washo lokhu ukuphawula, ungakuvumeli kukulimaze, “Konke uBaba aNgiphe khona, kuzoza kiMi. Kodwa akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Sivele nje saphosa ngaphambili inetha.

219 Ngabe uyisoni na? Ningathanda nje ukuphakamisa izandla zenu na? Angikubizeli e-altare, yithi nje, “Mfowethu Branham, ngiyisoni, ngizophakamisela izandla zami kuNkulunkulu. Nkulunkulu ngenze ngibe ngempela, ukuthi ngingaKubona njengomdobi omdala, ngifuna ukuKubona kuwo wonke umhlaba waKho nezulu, eZwini laKho, ngifuna ukuKubona.” Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, mfowethu.” UNkulunkulu akubusise. Omunye, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise emuva ngemuva. UNkulunkulu akubusise.

220 Kuthiwani ngabo bonke phezulu kuvulandi osesitezi ngakwesokudla sami na? Bangabakhona abanye phezulu lapho, namakhanda enu ekhotheme nezinhliziyo zenu, futhi, ongayazi iNkosi uJesu, uthi, “Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni wakho lapho ukhuleka”? Onke amaKristu kulolohlangothi na? Ngizokushiya nani manje.

221 Manje khumbulani, ukuthi umKristu uyini. “Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, kungenxa yothando lukaNkulunkulu alukho kuwe.” Ngeke sakuthatha lokhu kalula, kuyiqiniso, kungukuzalwa kwangempela, ukwedlula kwangempela ekufeni kuya ekuPhileni.

222 Uvulandi osesitezi ngakwesobunxele sami, bangabakhona yini abanye lapho phakamisa isandla sakho, uthi, “Angisuye umKristu, Mfowethu Branham, ngifisa sengathi ubungangikhumbula emkhulekweni. Angibambile isandla sami kuwe njengomshumayeli, ngibambe isandla sami kuNkulunkulu, Makabe nomusa kimi”? Ngabe ukhona na? Kulungile.

Phansi kwiphansi eliphansi futhi, ake sedlule lapha. Ngabe ukhona omunye na? Ngakho ngizoqiniseka ukwazi ukuthi ngiyakhuleka. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wami.

223 Wangitshela, “Uma uzoba gotho, uthole abantu ukuba bakukholwe, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko wakho.”

Ngathi, “Ngeke bangikholwe ngoba angifundile.”

Wathi, “Njengoba uMose wanikwa izibonakaliso ezimbili ukuqinisekisa ukuthi wathunyelwa ezansi ngokukhululwa, kanjalo wena unikwa izibonakaliso ezimbili.”

224 Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngithanda ukukhunjulwa emkhulekweni, Mfowethu Branham,” uma ekhona omunye kwiphansi ongasiphakamisanga isandla sabo. Kulungile.

225 Baba wethu waseZulwini, ngibanikela kuWe. Kukhona izandla, kulentambama, eziphakamile, ababili kwiphansi eliphansi, engikuqaphelile. Manje, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzothinta labobantu kulelihora. Abantu bezwa ukuthi benelisekile ukuthi Wena unabo, futhi ngiyaKubonga ngalokho.

226 Manje, Baba, uma kukhona isithunzi esisodwa sokungabaza, kwangathi bangeme ngaphansi kwalokho, kwangathi bangaqiniseka ngokuphelele, ngoba ngalokho kusa kuzoba ukusa okwesabekayo, inkungu izoba nzima emfuleni. Ngifuna ukuqiniseka ukuthi ithikithi lami lilungile, futhi yonke into yenziwe khona manje, yalelohora, ngingahle ngingabi nalo ithuba, ngeke ngibe nalo ithuba, akusayikubakho-musake. IGazi liyosuka esihlalweni somusa, kuyoba yiSihlalo sokwaHlulela, futhi ngizocelwa ukuba nginikeze impendulo.

227 Nkulunkulu, yipha ukuthi lemiphefumulo eyigugu, ukuthi Uthinte izinhliziyi zabo, ngikhulekela ukuthi Uzobasindisa khona manje. Mabazi lokhu: ukuthi Wena wathi eZwini laKho, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi.”

228 Futhi baphakamise izandla zabo bekhombisa ukuthi bekukhona uMoya obatshele ukuba baphakamise izandla zabo. Baphakamisele izandla zabo ngaseZulwini, kuMdali wamaZulu nomhlaba.

229 Baba Nkulunkulu, ngicela ukuthi Ufake igama labo eNcwadini yokuPhila. Kwangathi iGazi likaJesu lingakubhala encwadini yabo yonesono, “Uxolelwe,” ukuphose oLwandle lokuKholwa, ungabe usakukhumbula ngokumelene nabo. Futhi kwangathi amagama abo angalotshwa kabusha eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ukuthi ngalolosuku, i—iNcwadi izofafazwa ngeGazi leNkosi uJesu, ngakho akuyikubakho sono esibalelwa kubo. Siphe khona, Baba. Ngibanikela kuWe.

230 Angikwazi ukubaxhawula kulokhu ukuphila, kwangathi ngingaba naleyonhlanhla ngalolosuku lapho lawomashumi ezinkulungwane ema lapho. Mangibezwe bememeza kakhulu, “Mfowethu Branham, yimina engaphakamisela isandla sami eYakima ngaleyontambama.” Bayojabula kakhulu; umbono

Owawukhombisa ngobunye ubusuku wokuthi babejabule kanjani, owayesedlulile kulokhu ukuphila waya kokunye. Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa.

²³¹ Manje kulentambama, njengoba sibiza umugqa womkhuleko, kwangathi Ungazibonakalisa Wena uqobo futhi uqinise iZwi, futhi ube nguNkulunkulu kubantu baKhe kithi namhlanje, njengoba sibona uNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu eZwini laKhe, uNkulunkulu kubantu baKhe. Siphe khona, Baba. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

²³² Kinina bantu abathandekayo, bengicabanga. . . Ngilisuusile lelo washi. Lokho ngamawashi amathathu alandelanayo, ngibamba ingalo yomuny'umuntu ngalelo, ngalokho, iwashi liyama, kwehlulekise i, angazi, akungitsheli ukuthini. Umkhandi wobucwebe khona lapha edolobheni, ulilungisile nje, uyazama. Neqhuzu lokuwayindisa laphuma, ubuso bawa, isandla. . . YiVulcain Cricket yamadola angamakhulu amathathu enganikwa yona eSwitzerland ne-alamu kuyo. Niyabo? Futhi nganginelisha sha lapha eCalifornia elanikezwayo. Ngibeka isandla sami phezu komuntu *kanjalo* ukuba ngikhulekele. . . Ngabe ukhona owake wakubona lokho na? Wayekhona ngenkathi lokho kwenziwa na? Phakamisani izandla zenu, uma kade ukhona, ngenkathi lokho kwenzeka. Naleyonto yama, iyahlukana, angikaze ngikwazi ukulisebenzisa kuze kube yilolusuku; amawashi amathathu alandelanayo. Ngalisusa, ukuze ngiqiniseke.

²³³ Manje, sizo. . . Bekuyini thina, besi, bizile izolo ebusuku, besinamakhadi omkhuleko na? A? A. Ukiphe liphi na? Kukhona ikhulu eliphumile esewonke. Sibize kusukela kwelokuqala kuya kwelamashumi amahlanu, ngiyakholwa, izolo ebusuku, khona-ke kube kanjalo akekho obeyokhuphuka.

²³⁴ Manje bukani, ngiyazi kuyashaqisa. Yebo, mnumzane. Kuhle. Uma uza lapha nesono esingavunyiwe, kungcono usilungise ngaphambi kokuba uze, uyabo, ngoba impela Uyokubiza kuphume ngqo. Kodwa kulentambama, ngizothatha nje amanye alawo makhadi omkhuleko futhi ngibakhulekele, bese kuthi-ke, nje sikhulekele abantu onamakhadi omkhuleko.

²³⁵ Asiqale, kulentambama, kwenye indawo phakathi lapho, ukuze kuthi uma sithola abathi ababe babili lapha, mhlawumbe, ngokubona okufihlakele noma okuthize. Asiqale kwenye indawo kulelokhulu. Ake sibone, sikhuphukele cishe ndawondawo izolo ebusuku ishumi nanhlanu, noma amashumi amabili, noma into ethize efana naleyo, futhi baba kanjalo abezanga, bese-ke ngivele nje. . .

²³⁶ Asiqale, sithi, amashumi amahlanu-nanye. Ngabe lelokhadi lilapha na? Amashumi amahlanu nanye, ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu nanye na? Phakamisa isandla

sakho. Owesifazane, kulungile, lokho kuhle ukuqala ngakho. Woza khona lapha, nenekazi. Amashumi amahlanu nambili. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu nambili na? Sizobathola bonke, kodwa nje si . . . Kulungile.

²³⁷ Indodana yami ingitshela ukuthi abezwa esakhiweni. Ngabe kunjalo na? Niyangizwa phezulu kuvulandi osesitezi na? Anizwa na? Niyangizwa laphaya na? Awu, azibusiswe izinhliziyu zenu, nihlezi lapha yonke intambama, futhi ningezwa ngisho. [Umfowethu uthi, “Abezwa lutho phezulu lapho.”—Umhl.] Abezwa neyodwa into kuvulandi osesitezi. Niye—niyezwa ngenyama na? Ngiyezwa emuva lapho, kodwa anikwazi ukuzwa phezulu kuvulandi abasesitezi. Ngani, azibusiswe izinhliziyu zenu ezithembekile! Kwangathi uNkulunkulu, uMsindisi wami, anganipha isicelo senu, ngamunye wenu, kulentambama. Niyakuzwa lokho na? UNkulunkulu akuphe isicelo sakho, noma ngabe kuyini, uma uhlezi lapho sonke lesisikhathi, nami ngikhuluma, futhi ungezwa lutho. Kwangathi uNkulunkulu ngenye indlela ethize angakwembulela khona, ukuthi mina, nginitshela iqiniso.

²³⁸ Kulungile, sizobiza umugqa womkhuleko manje. Ngizofanele ngikusho kuzwakale kanje, ngenxa yabantu phezulu lapho bangahle babe namakhadi omkhuleko. Ngibiza kusukela ekhadini lomkhuleko . . . Bengikuphi na? [Umfowethu uthi, “Amashumi amahlanu-nambili.”—Umhl.] Amashumi amahlanu- . . . Ikhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu-nambili. Kulungile, ikhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu nambili, ubani onalo na? Amashumi amahlanu nantathu. Woza khona lapha, nenekazi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²³⁹ “Nkosi Jesu, Ungangiphulukisa na?”

Ubeyothi, “Mntwana, seNgivele ngikwenzile lokho.”

“Awu, Usuvele ukwenzile na? Manje, awume kancane, lokho ngokuncane . . . Ngizwile ukuthi WawunguMphulukisi.”

“NginguMphulukisi,” Ubeyosho.

“Awu—awu, Awungiphulukisi ngani na?”

²⁴⁰ “Ngani, mntwana, sengivele ngikwenzile. Ngikhokhe inani lokuphulukiswa kwakho emuva lapho. Angisoze, neze ezinsukwini zaMi ngenkathi Ngisemhlabeni, kanjalo nami manje, nganoma yisiphi isikhathi, ngike ngenzele noma ubani noma yini, ngaphandle uma benokukholwa ukukukholwa kuqala.”

Bangaki okwaziyo lokho na? Leso yizisekelo, kufanele kube ukukholwa. Kulungile.

Manje, bebeyothi, “Awu, ngazi kanjani ukuthi UyiNkosi uJesu na? Ugenza okuthile na?”

“Ngani, yebo, Ngiyophakamisa isandla saMi, Ngizoshumayela isikhashana.”

Kodwa niyabo, uthi, “Nkosi, ngazise ukuthi NguWe.”

241 Ubeyodingeka enze into ethize njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni. Ngabe kunjalo na? Yenza okuthile ukuze wazi. Manje-ke bekuyini isibonakaliso esisitholile izolo ebusuku ukuthi Wenze labobantu bazi ukuthi WayenguMesiya na? Ukwenze kanjani na? Wayebanike isibonakaliso sikaMesiya ukukhombisa ukuthi WayengumProfethi uMose akhuluma ngaye, Wayeyazi imfihlo yezinhliziyi zabo. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki ofakazayo ukuthi iBhayibheli lisho ukuthi, “Ukuthi iNkosi, uNkulunkulu wenu, iyakuvusa umProfethi onjengami?” NoJesu wayibona imicabango yabo, wazi izimfihlo zezinhliziyi zabo, wakukhuluma kubo, futhi kulokho, Wazibonakalisa Yena uqobo ukuba yiNdodana kaNkulunkulu.

242 Manje, uma uNkulunkulu ekubantu baKhe, lokho kuPhila okufanayo okwakukuJesu, kulapha eBandleni, futhi kukini bantu. Lowo wesifazane ecindezela emgqeni womkhuleko, wayengenalo ikhadi lomkhuleko, njengoba besingakusho, kodwa wahlala emuva phandle ezethamelini, wathinta umphetho wengubo yaKhe.

243 Manje uJesu, namhlanje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Manje, ubungazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ubeyokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Elapha.

244 Manje, isikhathi esiningi kakhulu, nina bantu okhubazekile, kanjalonjalo, ubungacabanga, “Sengiphelelwe ithemba nje.” Kususe lokho engqondweni yakho. Akusekho okunye kuNkulunkulu kuwe ukuba wemukele ukukholwa kunoma kunjalo kubo ukuba bemukele ukukholwa. Ukuphulukiswa kwakho kuyikho impela nje njengoba okwabo bekungaba njalo, uma, ukuphulukiswa kwakho kuyikho impela nje uma uzoba nokukholwa.

Manje, yikuphi okuyi...? Kuqala kuphi na? Khona lapha kulelinenekazi. Kulungile. Woza lapha.

245 Manje, abantu baseMelika, manje, siyaqonda ngabantu abangamashumi amahlanu, Mina, bayongithwala bangisuse emsamo emva kokuba ishumi noma ishumi nanhlanu selidlule ngenxa yemibono. Ngani, angikwazanga ukukumela. Bangaki okuqondayo lokho na? UJesu enombono owodwa, amandla aphuma kuYe. Futhi manje, umbono owodwa ubuyokwenzani kimi na?

246 Manje, nangu owesifazane okhubazekile esesihlalweni esinamasondo. Ngithi, “Lowo wesifazane ukhubazekile,” noma ubani uyakwazi lokho. Kodwa nangu owesifazane obukeka ephilile. Manje isimangaliso singukuthi, yini engalungile kuye na? Ubuukeka ekahle futhi ephilile, Manje, uma noma ubani enokungabaza kwalokhu, futhi ucabanga ukuthi—ukuthi unendlela engcono, ngani, *nansi* imayikrofoni, woza ngqo

wenyukele lapha. We—wemukelekile nje ukuba uze. Wena onga—ngakholwa, yenyukela lapha futhi wenze into efanayo.

Wena uthi, “Awu. . .”

UJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza, nemikhulu kunayo.”

“Awu,” wena wathi, “Wathi *emikhulu*.”

²⁴⁷ Awu, ake sikubone kuqala wenza imisebenzi Ayenzayo, bese-ke wenza emikhulu ngokwedlulele. Yenza imisebenzi yokuqala Ayenza, yilokho-ke, khona-ke u—khona-ke uyokwenza okukhulu ngokwedlulele. Niyabo? Asikubone wenza izinto zokuqala Azenza. “Imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza,” bese kuba emikhulu ngokwedlulele. Uma uzothatha ukuhunyushwa, kuthi, “Eminingi kunale uyakuyenza,” ngoba wayengeke enze okukhulu ngokwedlulele, ngoba We—Wenza ngakho konke okwakungenziwa.

²⁴⁸ Kodwa manje, uma lona wesifazane. . . Manje, ngizobakhulekela nje bonke abanye abantu ezansi emgqeni. Kodwa abantu bangahle bazi ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, manje ngizobona nje ukuthi uNkulunkulu uzosinika yini umbono walo wesifazane.

²⁴⁹ Manje, ngenkathi Engitshela lezizibonakaliso ezimbili zizoqinisekisa ukuthi wawuthunyelwe ukwenza lokhu, uMose wayenezibonakaliso ezimbili, Washo. UMose wehlela lapho futhi wenza isibonakaliso ngesinye isikhathi phambi kuka-Israyeli, futhi wonke umuntu waMkholwa futhi wamasha iminyaka engamashumi amane. Ngabe kunjalo na? Impela, uma singamadodana ka-Abrahama enhliziyweni, sifanele sibe nalokho kukholwa okungako. Manje asikholwe.

²⁵⁰ Manje, nenekazi, indawo yokuqala, ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye komunye. Uma siyizihambi omunye komunye, ungasiphakamisa nje isandla sakho ukuze abantu bezobona na?

²⁵¹ Manje, niyabo, silapha, hhayi emuva ekhoneni elimnyama elithile njengodeveli, khona phandle lapha, njengoba iNkosi yethu yama, njengowesifazane emthonjeni. Ungalokothi wesabe ubuKristu, lengisa umphefumulo wakho kunoma yisiphi isithembiso, kuhle, uKristu wafa ukuze akwenze kulunge.

²⁵² Manje, bengingeke ngakusho lokho, uma ngingabuzwanga uBukhona baKhe lapha, njengokhozi lwezwa amaphiko alo. Niyabo?

²⁵³ Manje, owesifazane, selokhu emile lapha, usebe nokuzwa ukuthi useBukhoneni beNto *ethize* ngaphandle kowesilisa. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

²⁵⁴ Niyabo, emi ngqo phezu kwalona wesifazane, uma wena, amehlo akho engawomoya, impela ungaKubona. Anikuboni

lokho kuKhanya okulenga khona lapha na? Khona ngqo phezu kowesifazane. Kuwuhlobo lwesimaragidu. Bangaki osibonile isithombe sakho na? Kulapha emhlanganweni, banaso. Silenga eWashington, DC, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake, esake sathweshulwa ukuba sifakaziswe, ngokwesayense. NaKhu, ngiyaKubuka ngqo. Kulenga phezu kowesifazane, ngoba uyikholwa, ungunadewethu, uMoya ufakaza emuva naphambili.

²⁵⁵ Manje, into kuphela engiyenzayo ngukubamba nje into ethize kuye. Khona-ke kuyokwenzekani na? Bekuyomtshela okuthize. Kuphakathi kokuthi umi lapha ngenxa yenkathazo yasekhaya, inkathazo yezezimali, ukugula, noma omunye umuntu, noma okuthize. Angazi, angikaze ngimbone empilweni yami.

Manje, uma uMoya oNgcwele uzokwembula kowesifazane okuthize uku... Manje, uma ngithe, “Yebo, uJesu Kristu ulapha, ngibuzwile uBukhona baKhe.” Uyakwenza, naye.

²⁵⁶ Manje bhekisisani ukuthi kunjani. Kungumuzwa omnandi ngempela, othobile, omnene. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili ezethamelini. Niyabo? Ngibhekisisa ukuKhanya phezu kwalo ngqo. Manje, ngesingami, ngiyazi ukuthi ngikhuluma nezethameli, kodwa empeleni ubuhlakani bami, kubonakala sengathi, kukweline izwe, kusezingeni, elinye izwe.

²⁵⁷ Inenekazi linenkathazo, isesifubeni salo, yizimila, yizimila ezinomdlavuzwa. Libe nokuhlinzwa okuthize, noma okuthize, ngakho. Futhi ku—kuyabuya, izimila esifubeni sakhe, lokho ekugcineni kuzombulala owesifazane, usibekelwe ngukufa. Uma lokho kunjalo, nenekazi, vayizelisa isandla sakho.

²⁵⁸ Manje, uyakholwa na? Manje, kungukuthi ningahle nazi, bhekisisani amandla kadaveli esebenza, lona wesifazane, empeleni kulokhu lapha, ngenkathi ngisesekumoya, kuwuhlobo lwento enesimila. Ngabe kunjalo na? Khona lapha kuhlezi omunye umuntu, owesifazane ehlezi khona lapha enethumba. Kunjalo, nenekazi na? Uma kunjalo phakamisa isandla sakho. Kodwa ngaphandle kwalokho, unesifo sikashukela futhi. Lokho yi... Phakamisa isandla sakho.

²⁵⁹ Niyabo? Lowomoya wobumnyama udonsa unqamula lapha, lawomademoni amabili ezama ukubambana, ebiza usizo. Kodwa amandla kaNkulunkulu manje, ngaphezu kwakho konke ukungabaza phakathi lapha azofanele agibele phezu kokungabaza. Niyabo?

Manje, uyakholwa na? Ngabe uNkulunkulu ukubantu baKhe na?

Wena uthi, “UNkulunkulu ukuwe, Mfowethu Branham na?”

²⁶⁰ Akusimina kuphela, *ukuye*, *nakuye*, futhi. Niyabo? Nanku uMoya oNgewele lapha, ongenakuphosisa, kukhona amandla okufa kubo bobabili futhi lokho kufa okubili kuzama ukubambisana ndawonye, ngenkathi amandla kaNkulunkulu ekwembula, ekuvula futhi ekhombisa ukuthi Uyabathanda labo besifazane, Ufuna baphulukiswe. Niyakukholwa na?

²⁶¹ Manje, ngiyacela, sizani ningayaluzi. Manje, nephule wona kanye umgudu wakho, niyabo. Ningakwenzi lokho, ngiyacela, ngiyacela. Niyazi ukuthi lezizinto zizosuka koyedwa ziye komunye na? Hloniphani ngokuzithoba ngempela, wonke umuntu.

²⁶² Nenekazi, uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi ungubani, bekungakunika inqwaba yokukholwa ukuba ukholwe na? Igama lakho unguNkk. Moore. Hambani ngendlela yenu, nobabili, kunishiye nobabili ngaso lesosikhathi, seniphulukisiwe, hambani endleleni yenu futhi niphile.

Ake sithi, “Mayibongwe iNkosi.” Ngabe lesosiphiwo siyasebenza na?

²⁶³ Manje, bangaki okhumbulayo ngenkathi ngangilapha ngenkathi ngibeka isandla sami komunye umuntu, futhi ubuyobona i—i, njengokungqangqazela kukho na? Manje, uma lona wesifazane enesifo segciwane, kuzosebenza. Uma kungesona isifo segciwane, ngeke kusebenze, ngoba kuzofanele kubonwe ngombono. Angazi.

²⁶⁴ Uyisiguli esilandelayo na? Angisangene, kodwa nje ngezinye izikhathi ngi...Woza lapha umzuzu nje, ntombi. Ake ngibe nesandla sakho umzuzwana nje, lexisandla khona *lapha*. Kunjalo, yisifo segciwane. Yebo, mnumzane. Inesifo esithelelanayo. Manje, yinkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo impela. Niyabo? Inezifo ezithelelanayo, lelo yigciwane; nakhu esandleni sami.

²⁶⁵ Ngifuna ukukukhombisa okuthize, ntombi. Buka lapha, buka isandla sami. Uyazibona lezozinto ezincane ezimhlophe zigxumagxuma phezu kwesandla sami lapho, zithe ukuvuvuka, zimnyama, zibukeka zibomvu na? Manje susa isandla sakho kwesami. Manje akukho lapho manje. Manje beka lexisandla *ngapha* kuso. Akusekho lapho manje. Akusekho lapho manje. Manje beka *lexisandla* lapha kuso. Nakho-ke.

²⁶⁶ Manje, ungumuntu nje kakhulu *kulesosandla* njengoba unjalo *kulexisandla*, futhi nje ngingumuntu kakhulu njengoba ubungaba ngumuntu, kodwa ngeke kusebenze *lapha*, ngeke *lapho*, ngoba uNkulunkulu wangitshela, embonweni, “Ukuze abantu bazi ukuthi kuyiqiniso, thatha umuntu, makuthi bona...” Niyabo? Lapho ubeka isandla sakho sokunene kimi, uyathembisa ukuthi uyangikholwa. Wathi, “Uma ungathola

abantu ukuba bakukholwe, bese-ke uba qotho, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko.”

267 Senake nayifunda incwadi na? Bangaki okufundile lokho ezincwadini na? Iminyaka neminyaka... Manje, niyabo, khona-ke ngizokunika isandla sami sokunxele ngoba ungudadewethu nje, esami sokudla siya kuNkulunkulu, ngiyasikholwa isithembiso saKhe ukuthi Wangitshela lokho. Uyabo? Khona-ke yithi, “Ngiyakholwa.” Ngani na? Ngoba bekungeke kube ngumuzwa esandleni sami kakhulu kangako, njengokukutshela ukuthi yini engalungile. Khona-ke uyangikholwa, awungikholwa na? Khona-ke ngiphakamisela isandla sami kuNkulunkulu, “Ngiyakukholwa, Nkulunkulu.” Ngibeka isandla sami *ngapha*, “Ngi,” wena, “Ngiyakukholwa, Mfowethu Branham.” Nakho-ke. Niyabo? Lokho kuyakwenza.

268 Manje, beka isandla sakho *lapha*. Manje, ngifuna niqaphele, nenekazi eliselincane, ukuthi akusiyo indlela engibamba ngayo isandla sami, kumbe noma yikuphi... Awu, into yakho ingukuthi, bengiyokwazi kanjani ukuthi bekuyini, ukuba bekungesikho okwalokho na? Kodwa uyabona ukuthi kukhona umuzwa esandleni sami lapho, awukuboni na? Izinto ezincane ezimhlophe, zigijima zizungeza phezu kwesandla sami. Manje, uthi nje unganyakazisa isandla sakho, kuyasuka. Futhi ngeke kufike ngalesi esinye isandla. Manje ngikubeka *lapha*, nakho futhi. Niyabo?

269 Manje buka, nenekazi, ngifuna ukubhekisise lokho ngokusondele ngempela, uma lokho kuhamba, usuphulukisiwe. Kodwa manje khumbula, ngeke ngikwazi ukukumimba, ngoba, “Nxa umoya ongolileyo esephumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezingenalutho, ubuya nabanye odeveli abayisikhombisa.”

270 Kulungile. Uma uNkulunkulu engeza *lapha* futhi akukhombise okuthize, ngokubonakalayo, futhi uyazi ngale kwethunzi lokungabaza ukuthi kukhona okwenzekayo, futhi kunoMuntu othize *lapha* okwaziyo (Ngabe kunjalo na?), eMoyeni. Into ethize ehlukalise isifo obunaso.

271 Manje, uma lokho kuhamba, uzokholwa ukuthi kuzodeda na? Kulungile. Nina besifazane, nonke kothamisani ikhanda lenu umzuzu nje. Ngifuna niqaphele isandla sami. Manje, kuqala ngizokhuleka. Hlola nje ukukholwa kwakho, futhi ngizokukhombisa ukuthi ngeke ngilahlekelwe yisandla sami.

272 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela lentombazane, ukuthi Uzosusa lokhu kuhlupheka emzimbeni wayo. UnguNkulunkulu, ingalo yami ilele *lapha* eceleni kweBhayibheli laKho. Wethembisa ukuphulukisa abagulayo, lelo yiZwi laKho. SiyaKukholwa ngakho konke okusenhliziyweni yethu. Manje, into mayisuke kuye, Baba. Ngiyakhuleka, ngeGama likaJesu.

273 Manje, ngaphambi kokuba ngiphakamise ikhanda lami, into ayikasuki. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Yithi—yithi, “Yebo noma qha.” Kusekhona lapho, akunjalo na? [Inenekazi lithi, “Yebo.”—Umhl.] Yebo, kusanyakaza. Uyabo? Umkhuleko nje wodwa, ngeke ukwenze, kuzofanele kuthathe ukukholwa. Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini manje na?

Manje bhekisisani, nakho futhi. Manje, uyakholwa ukuthi iBhayibheli lathi, “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni na?”

274 Manje, ufanele ubhekisise ukuthi wenzani ngalokho. Ufanele ubhekisise, ngoba khumbula, uMose washaya idwala ngenkathi wayengafanele; u-Eliya waqalekisa abantwana abancane abangamashumi amane nambili, namabhene ababulala ngaphambi kokuba babuye, ngoba bathi wayenempandla, bemgona ngakho. Kwakungesiyo intando kaNkulunkulu ukwenza lokho, lokho akuzwakali njengoMoya oNgewele, umprofethi othukuthele.

275 Manje, ngifuna nibhekisise i—i, ntombi, bhekisisa isandla sami. Thembeke, uyabo. Manje, uma lesosandla sibuyela emuva *kanje*, sekuhambile nginganyakazanga.

276 Manje khotamisa ikhanda lakho ndawo zonke, ngoba ufanele ukwenze kuhambe manje. Uma ukwenza kuhambe, kuyathukuthela, futhi siyazi ukuthi kuzosuka komunye kuye komunye.

277 USathane, iNgelosi kaNkulunkulu yafika eminyakeni eyishumi nane edlule eGreen’s Mill, ngobunye ubusuku, futhi yangitshela, njengomfundisi wendawo ukuthi ngathunyelwa ukukhulekela abagulayo, futhi yilokhu okwashiwoyo. Uyakuqaphela lokho, uyadalulwa. Ungaba nokungakholwa kubantu, ungenza abantu bangabaze, kodwa ungeke wenza uKristu enze noma yini, ngoba Ukuhlubule onke amalungelo angokomthetho owake waba nawo. Ngenkathi Efa eKalvari, Wakhokha isikweletu saso sonke isono sethu nokungakholwa.

278 UNkulunkulu unike izinceku zaKhe amandla ukukukhipha. Ngisebenzisa iGama laKhe, ngiza eGameni likaJesu Kristu. Ngikuphosela inselelo kulokhu ukulwa kwababili kokukholwa, shiya intombazane, phuma kuyo, eGameni likaJesu Kristu!

279 Manje, ngaphambi kokuba ngiphakamise ikhanda lami, ngivule amehlo ami, into ayisekho. Ngabe kunjalo na? Manje vula amehlo akho. Kukhona okwenzekile, akwenzekanga na? Uzizwa ngisho wehlukile, awunjalo na? Manje, buka *lapha*. Nakho-ke. Manje linda, ngizosusa isandla sami kuwe. Manje beka *lesisandla*, njengoba nje wenzile esikhashaneni esedlule. Uyabona ukuthi kubukeka kanjani na? Manje, bekani *lesisandla*, njengoba nje wenzile esikhashaneni esedlule. Uyabona ukuthi kubukeka kanjani na? Kukhona okwenzekile, akwenzekanga

na? Uphulukisiwe. Yilokho okuyikho, yilokho kuphela. Hamba ngendlela yakho uthokoza, uthi, “NgiyaKubonga.”

²⁸⁰ Manje, ake sibone isandla salendoda umzuzu nje. Inendlala encane eyenza ibe novalo ukuba isukume, noma okuthize. Kodwa, kunjalo, uvuka ngesikhathi sasebusuku, kodwa lokho akusikho ngempela okufunayo, ngoba ngizwa umoya wakho unyakazisa enye into. Kulungile. Ucabanga ukuthi uyoke ukhubazeke na? Ucabanga ukuthi isifo samathambo siyoke sikukhubaze, noma yini na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa manje na? [Umfowethu uthi, “Ngiyazi uNkulunkulu uzongiphulukisa.”—Umhl.] Amen. Ukwenzile. Hamba usuke emsamo uthokoza, futhi umemeza, uthi, “Mayibongwe iNkosi.”

Ake sikubone, mnumzane, woza lapha umzuzu. Ake ngibambe isandla sakho. Yebo, mnumzane, inkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa lokho na?

eGameni likaJesu Kristu, kwangathi udeveli angamshiya lomfana. Phuma kuye, eGameni likaJesu. Amen.

Hamba, ukholwe.

Kulungile. Woza. Okwengane na? Manje, ake sibone isandla sayo esincane manje. Umzuzu nje.

Sawubona, mfana omncane? Sawubona lapho, mfo. Yebo, mnumzane.

²⁸¹ Qhabo, akusikho, akusiso isifo esithelelanayo. Umzuzu nje. Manje, uyakholwa uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi yini engalungile enganeni, ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa na? Uzomemukela uJesu njengoMphulukisi waleyongane na? Yinkathazo yenhliziyo, yinhliziyi embi. Odokotela abazi ngisho nokuthi benzeni ngakho. Kunjalo. Kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi enzeni ngakho.

Sathane, shiya umntwana!

NgeGama likaJesu, ngiyamlahla udeveli, ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Mthathe manje. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, uzosinda.

²⁸² Woza. Sawubona, s'thandwa? Uyamkholwa uJesu na? Ake sibone isandla sakhe esincane. Manje, yebo. Ucabanga ukuthi inkathazo yezinso izosuka, futhi bazoba kahle, futhi baphile na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uKristu uzokuphulukisa na?

²⁸³ Nkosi Jesu, ngiyamlahla udeveli olimaze lomntwana, kwangathi angahamba, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁸⁴ Yiba nokukholwa, kholwa manje, ungangabazi. Hamba, ukholwa, futhi uma ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, kuzokwenzeka.

Manje, ake sibone isandla sakho. Isimo sesifuba somoya, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa lokho, akusindise na? UzoMemukela njengoMphulukisi wakho na?

Ngiyamlahla udeveli olimaze udadewethu. EGameni likaJesu Kristu, shiya owesifazane!

Hamba, ukholwa manje, ungangabazi, kodwa kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

Bangaki khona lapho, ongenawo amakhadi omkhuleko, ozokholwa na? Bangaki kini empeleni abazothi, “Ngiyakholwa”? Yiba nokukholwa, ungangabazi.

²⁸⁵ Uyakholwa ukuthi isifo samathambo sizokushiya na? Indoda ihlezi lapho ingibuka, khona emuva lapha, indoda enjengekhehla. Uma ukholwa ngenhliziyi yakho yonke, uNkulunkulu uzokuphulukisa.

²⁸⁶ Nakhu kuhlezi indoda, khona lapha, inesibhono. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, mnumzane na? Uhlezi khona lapho nesibhono, ukhuleka. Wena oluhlobo olunempandla lapha ngaphambili, nothayi oyintambo. Yebo, mnumzane. Yima ngezinyawo zakho futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho-ke. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Qhabo, mnumzane. Umkakho unalo. Awu, uma umkakho enalo, awusenakho-ke. Ungaya ekhaya naye, futhi uphulukiswe, uma ephulukisiwe emgqeni. Amen.

Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho! Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe ukuthi kuyiqiniso. Niyakukholwa, nonke na? Khona-ke yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

Kukhona okwenzekile, ndawondawo. Bekungesuye lo muntu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na?

Nkosi, eGameni likaJesu, phulukisa owesifazane. Amen.

Manje, hamba ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Uma ungakukholwa lokhu, futhi ungangabazi, kuzokwenzeka.

²⁸⁷ Woza, dade. Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe. Kodwa, uma ngi—uma ngingakutsheli, uyakholwa, empeleni, ungeke na? Yebo, mnumzane. Kodwa ngizokutshela nje, ukwethuka kwakho sekuhambile kuwe, ungaya ekhaya, usinde. Amen. Ngakho ungangabazi nje manje.

Ngenkathi uhlezi lapho inkathazo yenhliziyi isukile, ngakho qhubeka nje uhamba, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.” Uyabo? Uyabo?

²⁸⁸ Manje, uma ngingasho neyodwa into kuwe, uzokwemukela yini, futhi ukholwe ukuthi kulungile na? Kulungile, inkathazo yakho yeqolo isihambile, ngakho-ke qhubeka nje uye ekhaya futhi usinde. Futhi yiba—yiba nokukholwa kuNkulunkulu, kholwa ngakho konke, yonke inhliziyi yakho.

Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa owesifazane, eGameni likaJesu.

Woza manje, ukholwa ngayo yonke inhliziyu yakho.

EGameni likaJesu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

²⁸⁹ Manje, niyabo bayaphulukiswa ngokufanayo nje. Niyakukholwa na?

Woza dadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

Yiba nokukholwa, ungangabazi.

Sibona umfowethu ompofu ukhubazekile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, mnumzane na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa. Amen.

Ungangabazi, hamba ukholwa manje, uzosinda.

Woza mnumzane.

EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla zami phezu kwakho, mfowethu, neBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Amen. EGameni likaJesu, phulukiswa.

Uyakholwa, dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi bangaphulukiswa. Amen.

Angibheke mibono ngoba ngiya ngokuba buthakathaka kakhulu manje, ngize ngizwe nje imilenze yami ithuthumela ngaphansi kwami.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi bangaphulukiswa.

Uyakholwa manje, awukholwa na?

Uzokholwa na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi bangaphulukiswa. Amen.

Woza, ntombi. Uzokholwa na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udade angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

Woza, mfowethu. Uzokukholwa lokhu manje, uzokholwa na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

Woza, dade. Kusobala uyazi ukuthi yini eyakho...?...

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ungaphulukiswa.

Woza, dade.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

Woza, mfowethu. Kholwa manje, futhi kuzokushiya.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

Woza, mfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

²⁹⁰ Uyangabaza na? Ngabe u—ngabe u—ngabe uyangabaza ngayo yonke inhliziyo yakho na? Noma uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa na? Manje, angizange ngisebenzise ukubona okufihlakeleyo. Bengazi ukuthi yini ebingalungile ngabantu. Uyakwazi lokho, awukwazi na? Lapha. Ngabe lokhu . . . ? Ngisenaso isiguli esandleni sami.

²⁹¹ Buka lapha, mnumzane, ngithe nje, “UNkulunkulu akubusise.” Yilokho kuphela engikushilo, futhi uqhubekele phambili. [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi uphulukisiwe, empeleni na? [“Amen.”] Kulungile. Ubunomdlavuzo. [“Kunjalo.”] Futhi lowo ubusethehanjeni lenyonga. [“Kunjalo.”] Igama lakho unguMnu. Peterson. [“Kunjalo.”] Hamba uye ekhaya, uphulukiswe.

Uyabo? Uyabo? Yilokho-ke. Kholwa nje.

²⁹² Ehlezi khona lapho enotwayi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, akusindise na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, empeleni na? Kulungile, yemukela ukuphulukiswa kwakho. UJesu Kristu uyakusindisa. Amen.


²⁹³ Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, ngamunye wenu na? Bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? UNkulunkulu useZwini laKhe na? UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe na? UNkulunkulu ukubantu baKhe na?

²⁹⁴ Manje, bangaki ozizwayo ukuthi unoNkulunkulu enhliziyweni yakho na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nikhulekelane, ngenkathi ngehla, ngikhulekele lababantu abasesihlalweni esinamasondo.

Mfowethu Roy, bahole ngomkhuleko ngenkathi wena . . .

²⁹⁵ Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye. Kholwa ngayo yonke inhliziyoyakho.

²⁹⁶ Nkosi Jesu, woza manje, Wena ulapha nabantu. UNkulunkulu ukubantu baKhe. Kwangathi bangaphulukiswa, bonke.

²⁹⁷ Sisesemkhulekweni, gcinani izandla zenu ziphezu komunye nomunye, qhubekani nikhuleka. UNkulunkulu ukubantu baKhe. Kukholweni, ngisakhulekela laba. 

60-0731 Sikhombise UYihlo Kusanelise
E-Eisenhower High School
EYakima, EWashington E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org